# *Ukuhlakazeka Kwezwe*

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu Neville.

Sanibonani ekuseni, bangani. Ngisanda kungena embhedeni kulokhu ukusa esikhathini sokuphuma futhi, ngakho-ke bengikhathele kancane. Angizanga . . . uhlobo lokuza olungalindelekile. UMfowethu Shakarian, weFull Gospel Businessmen, umongameli walenhlangano, waye . . . Unkosikazi wakhe washaywa ukugula, futhi ngakho . . . futhi wayiswa esibhedlela.

2 Futhi ukubambelela kwendoda enjalo ngumsebenzi omkhulu kakhulu, nokuphatha ingqungquthela izolo.

3 Futhi uMfowethu Arganbright ufikele ngapha, futhi sikhuphukile. Futhi, awu, ngivuke ngehora lesine, izolo ekuseni, futhi siqale eCincinnati. Futhi besihamba usuku lonke. Futhi ngingenile, ngisanda kungena. Singene cishe emini, namhlanje ekuseni. Futhi ngakho-ke kukhishiwe, futhi ukusha izwi, kodwa silapha ngomusa kaNkulunkulu.

4 Angazi noma uMfowethu Arganbright ukwazile. Ngabe ulapha, Mfowethu Arganbright na? Ufanele ukuthi ngokuphepha usesezingalweni zikaMorpheus. Anazi ukuthi uMorpheus wayengubani; kwakungunkulunkulu wabahedeni wamaRoma, unkulunkulu wokulala.

5 Ngakho-ke nonke ngibekezeleleni kancanyana ngomphimbo wami oshile namhlanje ekuseni, futhi ngizozama ukunganibambi isikhathi eside kakhulu.

6 Inhloso yami yokuba nenkonzo namhlanje ekuseni bekungenxa yokuthi . . . hhayi abantu. NgeSonto elizayo bengizonikeza umlayezo wami—wami kaKhisimuzi, kodwa, uma ngi—ngikwenzile, khona-ke bekuyoletha abantu abavela ngaphandle kwedolobha, mhlawumbe kuthi nje ukuphazamisa uKhisimuzi wabo, niyazi, ngokubuyela emuva. Futhi ngakho-ke ngicabange ukuthi mhlawumbe kungaba ngcono ukuba besingahlangana ndawonye futhi sikhonze iNkosi kulokhu ukusa, ngalendlela, okwengxenye yami yenkonzo kaKhisimuzi. Bese kuthi-ke ngeSonto elizayo ungahle ube kwelakho . . . Uma uhlala kude le, ungahle ube sebandleni lakho uqobo noma ngabe uvela kuphi, noma noma ngabe yini ofisa ukuyenza.

7 Futhi ngifuna ukubonga umfowethu ngaleloculo elimnandi. Ngingene nje lisaculwa. Lihle ngempela lelo. Futhi sonke isikhathi ngimzwile umkami nabo bonke beqhosha ngokucula kukamfowethu, nami ngibe nethuba lami lokuqala lokumuzwa ecula, qobo lwami, ngiqhelile etabernakele. Manje, akusikho okuthile lokho na? Umfowethu lapha etabernakele, futhi udingeke ukuba ahambe ayothi ngqu e-Shreveport, eLouisiana,

ukuyomuzwa ecula iculo lakhe lokuqala. Izinto zixake kanjani, azixakile na?

8 Futhi khona-ke sicabange ukuthi mhlawumbe ukuthi ukwenza lokhu, bekuyosinika isikhathi kokwethu. . . uku—ukuhlangana ndawonye. Bese kuthi-ke futhi imigwaqo ibimibi kakhulu. Ngiyazibuza ukuthi ngabe uMfowethu noDadewethu Dauch bakwazile yini ukufika besuka e-Ohio. Ngabe behlile yini na? Ukuphi, Mfowethu Dauch na? Yebo, yebo. Ngiyazibuza nje. Ngabe ninalo iqhwa eliningi phezulu lapho na? Iqhwa eliningi. Ngakho-ke, awu, abanalo nhlobo eCincinnati. Alikho ngisho eliningi njengoba likhona lapha. Alikho ngisho noma yiliphi iqhwa nhlobo. Futhi okokuqala ngqa ukuba ngike ngishumayele eCincinnati bekuyizolo, futhi ngakho-ke sibe nosuku oluhle, umkhandlu omusha ongakabi nonyaka ubudala, futhi umkhandlu okahle kakhulu, abantu abathile abakahle. Sikujabulele ukuhlanganyela. Khona-ke basanda kungishayela ucingo nje manje ukuba ngibe seColumbus kusasa, okokunye ukunikelwa komunye umkhandlu, futhi, noma inkonzo, uMfowethu Shakarian abefanele ayithathe, kodwa . . . ngizofanele ngikukhulekele lokho kuqala. Kungu . . .

9 Ngizofanele ngiye ePhoenix ngqo emuva kwalokhu, niyazi, futhi sifanele. . . Siqala ePhoenix ziyishumi nambili, kuzoba isidlo sasekuseni sosomabhizinisi. Futhi angazi nje ukuthi sibanjelwa kuphi. Ngicabanga ukuthi eRamada, sizobanjelwa e—eRamada. Umkhandlu wosomabhizinisi unesidlo sawo sasekuseni esejwayelekile lapho. Bese kuthi-ke ngeSonto ngiqala phakathi, futhi ngeSonto, cishe izinsuku eziyishumi nambili nxazonke eMaricopa Valley, ePhoenix, eTucson. Futhi nginedili ngoMsombuluko ebusuku, ebusuku obulandelayo ngoMsombuluko, eTucson, i—idili nabefundisi neFull Gospel Business Men eTucson. Futhi ngakho khona-ke ngibuyela ePhoenix, futhi ngicabanga eGlendale nakwezinye izindawo ezahlukahlukene. Bese kuthi-ke ingqungquthela iqala zingamashumi amabili-. . . Kunini, Mfowethu Fred na? Uyakhumbula nje . . . Zingamashumi amabili nane, zingamashumi amabili nane kuya zingamashumi amabili nesishiyagalombili noma zingamashumi amabili nesishiyagalolunye, ndawo ndawo ngalapho nje. Bese kuthi-ke, iNkosi ithanda, ngibuyele ekhaya. Sizobona ukuthi siqhubekele phambili kanjani lapha, sibone mayelana neziMpawu eziyisiKhombisa noma i . . . kusukela ngalesosikhathi kuqhubeke, futhi sibone ukuthi siyakuphi ukusuka lapho.

10 Manje, ngikholwa ukuthi omunye ungitshele ukuthi sinezingane ezincane lapha kulokhu ukusa ezizobusiswa. Ngabe kunjalo na? Ngabe omunye umama unengane ukuba ibusiswe na? Okuthile uDoc angitshele khona. Awu, mhlawumbe benginephutha. O, yebo. Ya. Yebo, mnumzane, lezi. Kulungile, nina bodadewethu noma abafowethu beningabenyusa

abancinyane na? Ngiyabonga, dadewethu. Ngicabanga ukuthi lesi yisikhathi esifanelekile sokuletha abantwana, nguKhisimuzi. Mfowethu Neville, ungakwenza na? Manje, njengoba laba abathandekayo beletha abancinyane babo kulokhu ukusa, nje kungu—kungu . . .

11 Manje, abantu abaningi, emabandleni amaningi, futhi—futhi uma omunye wenu ubesengqungqutheleni izolo, kanjani uMfowethu Brown, um-Episcopalian ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, waxolisa kumakholwa ePentecostal, ngokubhaphathiza izingane, ngakho-ke, ngaphambi kokuba asho lokho ayezofanele akwenze. Ngakho i-Episcopalian iyabhaphathiza, ngokufafaza, lokho ikubiza ngokubhaphathiza.

*Ukubhaphathiza*, kimi, kusho uku "cwilisa, ukuya ngaphansi, ukumbelwa."

12 Futhi, kodwa abaningi babo bayakwenza lokho. Leso esidala . . . Leso yisimo esivela ngempela ebandleni eliKatolika, futhi lakhishwa kwiMethodisti ne-Episcopalian, iLuthela namaningi awo enza lokho. AmaMethodisti ayakwenza. Lokho kwakungukwehlukanisa phakathi kobuNazarene nebandla leMethodisti, kwakungukubhaphathizwa kosana. INazarene yilo kanye igama elithi iMethodisti, kuphela ukubhaphathizwa kosana, futhi ngakho-ke kuphumela leyonjongo.

13 IBandla likaKristu yiBandla lobuKristu, yonke into ngaphandle komculo ebandleni. Futhi ngakho-ke, o, lezozindaba ezincane okungukuthi bahlukanisa futhi bachithe ubuzalwane nezinto! Sonke simunye kuKristu Jesu, nge . . . Angeke ujoyine ibandla. U—ujoyina idlangala, kodwa angeke ulijoyine ibandla, niyabo, ngoba ufanele uzalwe ebandleni. Kungukuzalwa ngokomoya. Futhi ngakho-ke abehlukene banemibono yabo futhi, siyahambisana nje nabo, kulungile.

14 Kodwa ki—kithina lapha etabernakele, sifuna ukuhlala impela nje ngendlela iBhayibheli elithi asenze ngayo. Lokho nje . . . Futhi awukho umBhalo eBhayibhelini ngokubhaphathizwa kwezingane ezisancela. Awukho umBhalo eBhayibhelini ngokufafaza. Futhi ngakho-ke wona mBhalo kuphela okhona eBhayibhelini uJesu awusho ukuthi, WayeyiSibonelo sethu, futhi lapho beMlethele abantwana Wabeka izandla zaKhe phezu kwabo futhi wababusisa, futhi wathi, "Vumelani abantwana abancane beze kiMi, futhi ningabenqabeli, ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo." Manje, yileyondlela esizama ngayo ukuqhubeka.

15 Manje, siyazi, njengoba umelusi nami sibeka izandla phezu kwalezizingane, izandla zethu ziyizibambiso ezimpofu ukwenzela iNkosi yethu, ngoba ezaKhe zazingcwele. Kodwa ukube Ubezofanele ahlole emhlabeni kulokhu ukusa ukuthola isandla esingcwele, ubungasithola kuphi na? Ayikho into

enjalo, niyabo, emhlabeni. Kodwa ngomusa waKhe simele Yena. Futhi abantwana lapha esizobe sibabusisa, sizobeka izandla zethu phezu kwabo futhi sinikele umkhuleko nokubonga ngalokho Akunike abantu, futhi kwangathi bangaba yizimbali ezincane ekhaya lakho ukusiza ukukhanyisa indlela yezinyawo lapho uhamba uqhubeka. Kwangathi bangakhuliswa ngomyalo kaNkulunkulu. Futhi kwangathi lababantwana abancane manje bangaba izisebenzi ezinkulu, uma likhona ikusasa, eMbusweni kaNkulunkulu, ngumkhuleko wethu oqotho. Kulungile. Kwangathi iNkosi ingabusisa.

16 Ake sibone, ngikholwa ukuthi sizoqala ngapha, ngalona omncane, umfo onekhanda elimnyama ongibuka kakhulu. Uhlobo nje lwe. . . O, he! Umkami ubefanele abe lapha ukubamba lona omncinyane. Ngihlala njalo ngesaba ukuthi ngizobaphula, niyabona. He, umfo omncane omuhle kanje! Sawubona? Isikhathi esifanelekile kanje, lapho, "Emkhombeni, kwatholakala uMntwana," isikhathi sikaKhisimuzi, okokubusiswa kwezingane zibuyele kuNkulunkulu. Ubani igama lakhe na? USamuel Thomas. Manje, lelo yigama elihle kakhulu.

Asikhothamise amakhanda ethu.

17 Baba wethu waseZulwini, njengoba lezizithandani ezisezincane ezijabule kulokhu ukusa ziza nalelichashazana lenjabulo Olenezelele ekuhlanganisweni kwabo, uSamuel Thomas omncane, Baba Nkulunkulu, siyakhuleka ukuthi Uzobusisa lo mntwana. Futhi njengoba simphakamisela eBukhoneni baKho namhlanje ekuseni, Nkosi, ngezandla zaKho ezingcwele ezingabonakali ukubusisa lo mntwana. Kwangathi kungabanjalo, Nkosi, ukuthi umntwana uzophila. Futhi uma likhona ikusasa, kwangathi angaba yisisebenzi esikhulu soMbuso kaNkulunkulu. Busisa abazali bakhe. Futhi manje, Baba, sinikela kuWe uSamuel Thomas omncane, eGameni likaJesu Kristu, okwempilo enikelwe eMbusweni kaNkulunkulu. Amen.

18 UNkulunkulu akubusise nomyeni, futhi kwangathi ningaba nenjabulo. Futhi kwangathi kungabakhona ichashaza elincane elikhanya kakhulu empilweni yakho, kulolonke uhambo lwakho. UNkulunkulu akubusise.

19 Manje, ngabe lona ngomncinyane na? [Umama uthi, "Yebo," khona-ke ingane yenza umsindo—Umhl.] Manje, angeke ngiluqonde lololwimi. Ngazi ukuthini. Ngiyakwazi a—abakwenzayo, kodwa angikuqondi.

20 Ngenkathi ngiseJalimane kungekudala, bengingakwazi ukukhuluma igama elilodwa. Ngathi, "Kodwa into, ngani bantu baseJalimane lapha," ngathi, "Angiqondi." Ngathi, "Njalo. . . ngangihamba ngehla ngomgwaqo, futhi umama ubephethe ingane, futhi ibikhala ngesiNgisi."

21 Awu, ngiyakholwa ufanele enze okuthile. Ngizonisonta nonke, lapho sibuyela kuMeda. Bavele basonteke kulento, niyazi, baxozomela. [Umama uthi, "Alicia Kay."—Umhl.] U-Alicia Kay. [Omunye uthi, "Carlyle."] UCarlyle. U-Alicia Kay Carlyle, lelo igama elihle. Ngiyakuthanda lokho. Ungamletha udadewethu omncane lapha na? Mm! O, ngabe nginaso isandla sakho phakathi lapho, nawe, dadewethu na?

22 Awu, uyazi, ngenkathi u-Israyeli eletha umhlatshelo wakhe (engishumayele ngawo izolo) e-altare, niyabo, babebeke izandla zabo phezu kwawo, ngoba bazikhomba bona uqobo emhlatshelweni wabo.

23 Izandla zakho phezu kwengane yakho, kubandakanya wena nengane ngaleyonkathi. Ngabe lokho kulungile na? Futhi sibeka izandla zethu phezu kwayo, sizibandakanya thina emkhulekweni kuNkulunkulu, ngalo-Alicia Kay omncane. Kunjalo? UCarlyle.

24 Baba wethu waseZulwini, siphakamisela kuWe, lelinenekazi elincane, Nkulunkulu, lelichashaza lenjabulo elinikezwe lomndeni. Busisa le ntombazanyana, Nkosi, lento encane enhle engiyiphethe lapha ezingalweni zami kulokhu ukusa, njengoba umama eletha le ngane. Umnika yona, futhi manje uyinikela kuWe. Kukhombisa ukukholwa kwakhe nesifiso, Nkosi, ukuthi umntwana wakhe uzokhuliswa ngomyalo kaNkulunkulu. Mbusise, Nkosi, futhi kwangathi angaphila impilo ende ejabulisayo, futhi abe yinceku enhle yaKho kusasa, uma likhona ikusasa. Busisa ikhaya avela kulo. Siphe khona, Nkosi. Manje, sinikela kuWe le ntombazanyana ethandekayo ngokubusisa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

25 Manje, akuyona yini into encane enhle leyo. Niyazi, yonke ingane kamama ingenhle kunazo zonke emhlabeni. Kunjalo, akunjalo na? UNkulunkulu akubusise, into encane emnene kakhulu. Engibukayo, izungeza kanjalo. Manje nginesandla *sami* sisontekile.

26 Manje, sawubona? Awu, intombazanyana le enhle kanje pho, futhi. Ubani igama layo na? [Umama uthi, "Letha Ann Farmer."—Umhl.] Letha, uLetha Ann. ["Letha."] Letha Ann Farmer. He, intombazanyana enhle kanje pho! Ungeza ngapha, ube nami na? Niyabo? Kuhle lokho. Manje, leyo yintombazanyana enhle, futhi. Ibukeka iyinhle, nayo. Uyathanda ukuya esontweni, Letha na? Manje, ngingacabanga, abafo abancane njengalona lowo iNkosi yethu yamphakamisela ezandleni zaYo. Labodade na? ["Yebo."] Niyazi, ngimi lapha manje, ukuthi ngikuzwa kanjani lokho. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Umshado noma ukunikela okunjena pho? Umile endleleni yezinyawo kaNkulunkulu. O, he! Kuyangithuthumelisa.

Asikhothamise amakhanda ethu.

27 O Nkulunkulu, siyeza kulokhu ukusa naloLetha omncane. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzobusisa uLetha nakho konke akwenzayo empilweni. Sengathi angaphila ende, impilo enokujabula. Busisa abazali bakhe. Sengathi angakhuliswa ekhaya, Nkosi, ukwazisa nokudumisa uNkulunkulu. Futhi ngiyakhuleka ukuthi uma likhona ikusasa, kuzoba khona, uzoba yisisebenzi eMbusweni kaNkulunkulu. Susa ukugula nezinto kuye njengoba ehamba. Futhi menze isibusiso esikhulu eMbusweni waKho. Futhi sinikela kuWe le ntombazanyana ekubusisweni, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ingane emnene enamandla!

28 O, ngiyabathanda abafo abancane. Kodwa nje ngi... ngihlala njalo ngesaba ukuthi bazokwephuka, niyazi. Bancinyane kakhulu. Futhi nokho, umkami wangitshela, wathi, "Ngani, kungabanzima ukuba babephule kunokuba—kunokuba—kunokuba ngingenza." Ngakho-ke, ya, kunjalo. Balula kakhulu, niyazi.

29 Futhi manje, ngabe ukhona ogulayo obefuna ukukhulekelwa, nje i—udaba olukhethekile lomkhuleko noma okuthize, futhi singakunikelela sona na? Kulungile, dadewethu, uma uzoza khona lapha futhi ume. Kulungile. E-hhe. Lokho yi...Sifuna ukuthola lezizinto, ngakho-ke uma siboshelwe kancane emlayezweni wethu kaKhisimuzi, kuzolunga lokho. Kulungile, mnumzane.

30 Manje, asikhothamise amakhanda ethu manje. Mfowethu Neville, ungahamba uye phambili nami na?

31 Baba wethu waseZulwini, phezu kwalolusuku olwandulela uKhisimuzi, lapho ukuthethelelwa okukhulu kwesono sethu nokugula kwazalelwa emhlabeni, ukuba kube uMhlatshelo wethu. Siletha udadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi, sibeka izandla zethu phezu kwakhe, ukwenza khona impela Owathi asikwenze. "Bekani izandla phezu kwabagulayo futhi bayakusinda." Lokhu sikwenza eGameni likaJesu Kristu, okokuphiliswa kwakhe. Amen.

(Biza uMfowethu Cauble...?...)

32 O, kunjalo na? Sawubona, dadewethu? Manje, manje, asikhothamise amakhanda ethu futhi.

33 Baba wethu waseZulwini, njengoba simi lapha eBukhoneni bukaSomandla, sikhulekela udadewethu obenesehlo. Futhi kube nokuthile okwenziwe okuphuphuthekise iso lakhe. Kodwa Wena, Nkosi, njengoba Washo kuMose, "Ubani owenza iso lomuntu na?" Futhi Munye kuphela ongasiza, futhi lowo nguJehova omkhulu, uMdali.

34 Ngakho-ke siyakhuleka, Baba waseZulwini, njengoba sikholwa yilokhu ezinhliziyweni zethu, futhi simletha kuWe. Futhi ukukholwa kwethu, si—siza ngokukholwa, phezulu e-

altare elikhulu legolide likaNkulunkulu, lapho uMhlatshelo onegazi, uKristu, ulele e-altare. Futhi eNcwadini ka-Isaya, isahluko 53 nevesi 5, kwathi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yacotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu phezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Manje sibeka ukholo lwethu nolwakhe, phezu kwe-altare laKho, futhi siyacela, eGameni likaJesu, ukuthi lobubumpumputhe buzomshiya udadewethu, nokuthi uzokwazi ukubona, odumweni nasekudunyisweni kukaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, sisi.

35 Mfowethu Cauble. [UMfowethu Wallace Cauble ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] O, yebo. UParis Reidhead. Yebo. Yebo, mnumzane. E-hhe, e-hhe. Kuhle.

36 Manje sikhulekela ukugcotshwa kwenkonzo kaMfowethu Cauble, ukuhamba nokuvakashela umngani wami. Ngasebenza naye eNew York. UParis Reidhead, lowo oza ekhuphukela endlini yami ukuzokwemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

37 Futhi wayengesikho okuthize ukuba kwenziwe eSudan Mission na? [UMfowethu Cauble uthi, "Yebo. Ungumqondisi ngaleya e-Afrika. Uhlala eNew York, engxenyeni yeNew York lapho, esebenza kulelibandla elikhulu lapho, ukusiza."—Umhl.] Kuyamangalisa. Khona-ke uyashiya eLouisville. ["Yebo."] O, he! Siyakuzonda ukulahlekelwa nguMfowethu Cauble, ovela eLouisville. Mayibusiswe inhliziyo yakho, mfowethu. He!

38 Ngiyohlala njalo ngimkhumbula uMfowethu Cauble. Lo mfowethu oyigugu, ongcwele kaNkulunkulu, ngikhumbula ukuxhumana kwami kokuqala naye. Wayophela ukufa. Nga—ngangilazi igama lakhe elikhulu phakathi kwabazalwane. Ngawelela lapho. Kwakunomzalwane owayemi esibhedlela. Mina, umfo omncane njengami, ngangninamahloni ukungena, ngakho-ke ngaguqa phansi emva kweCoca Cola, into engaphandle ehholo lasesibhedlela futhi ngamkhulekela futhi ngabuyela emuva.

39 Ucingo lwaphinda lakhala, wathi, "Awukaze uye ngale ukuyobona uMfowethu Cauble."

40 Futhi ngaya ngaleya. Babehlinze into ethile ekhaleni lakhe, futhi basika, into ethize enzima, futhi wayophela ukufa. Ngaguqa lapho futhi ngaba nomkhuleko. Kwama ngokushesha.

41 Baba wethu waseZulwini, uyinceku yaKho. Futhi manje uyahamba phakathi kwethu, kodwa noma kunjalo sisahlangene, Nkosi. Izinhliziyo zethu ziyohlala njalo zishaya, ngiyakhuleka, njengoba benjalo manje, omunye eduze komunye. Ngiyakhuleka kuWe, Baba, busisa lona, umfowethu, njengoba eya lapho ukuyosiza inceku yaKho enkulu, uMfowethu Paris Reidhead, kungukuthi ukhathalele kakhulu embhaphathizweni kaMoya

oNgcwele. Kungakhathaleki ukuthi abaqavile bonke bathini, usalokhu efuna uNkulunkulu, noma kanjani. Busisa uMfowethu Cauble, futhi babusise kanyekanye emsebenziniwabo waKho, Nkosi, imizamo yabo. Kwangathi bangasebenza beyiqembu njengoPawulu noSila. Siphe khona, Nkosi.

42 Mnikeze ugcobo lukaMoya oNgcwele. Ubelangazelele, futhi uzamile, futhi wacindezela, futhi uphushile, ukuthola leyondawo lapho Obungamgcwalisa khona ngempela, Nkosi, futhi umvulele izinto ezinkulu. Futhi kwangathi lesi kungaba yisikhathi, Nkosi, ukuthi Umqeqeshile futhi wakhulekela lelihora, Nkosi, ngokuba sisesikhathini sakusihlwa. Qinisa umzimba wakhe, Nkosi. Udinga amandla. Kwangathi amandla avusa uJesu Kristu kwabafileyo, angaletha ukuphiliswa emzimbeni wakhe, amandla aguqulayo, kwangathi angahamba lokho ngamandla okuvuka kukaJesu Kristu. Siyambusisa.

43 INkosi ikubusise, Mfowethu Cauble! Ngibingelelele kuMfowethu Paris, futhi ngizokwethemba ukunibona nonke emva kwesikhathi. Ngiya phesheya kwezilwandle, eNdiya. UNkulunkulu akubusise.

Sawubona, dadewethu? Ngiyabonga, mfowethu.

44 Nkosi Jesu, njengoba siletha lelinenekazi elincane, nezandla zethu zibekwe phezu kwalo, sizixhumanisa qobo lwethu nalo, njengasemhlatshelweni, sazi ukuthi Wakwethembisa, ngimcelela ukuphiliswa eGameni likaJesu. Amen.

45 Kulomama omncane omi lapha nehlombe eliqhothile nezinwele ezimpunga, okukhombisa ukuthi umbozwe yisithwathwa sezwe elizayo. Nkulunkulu, kwangathi amandla avusa iNkosi yethu uJesu ethuneni, njengoba sibeka izandla zethu phezu kwakhe, sizixhumanisa naye noKristu, kwangathi amandla avusa Yena ethuneni angaphilisa umzimba wakhe, eGameni likaJesu.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

46 Baba waseZulwini, njengoba sibeka izandla phezu kukadadewethu, ngokunjalo, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphiliswa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

47 Baba onomusa, eGameni likaJesu Kristu, sibeka izandla zethu phezu kukadadewethu. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphiliswa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dade.

48 Baba waseZulwini, sibeka izandla zethu phezu komfowethu lapha, eGameni leNkosi uJesu Kristu, ngokuphulukiswa kwakhe. Kwangathi angaphulukiswa eGameni likaJesu.

49 Baba wethu waseZulwini, njengoba omunye wodadewethu ehambela kude, ukuba abe semhlanganweni, kodwa umile

kulokhu ukusa manje, futhi siyazixhumanisa, Nkosi, eVangelini, njengoba izandla zethu komunye nomunye nakuye. Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angakubona lokhu, lapho kuthi khona, "Uma kukhona ababili noma abathathu abavumelanayo emhlabeni." Lapha simile, abathathu ndawonye, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu. Mphulukise, Nkosi, eGameni likaJesu.

50 Ngendlela efanayo, Nkosi, sibeka izandla zethu phezu kukadadewethu lapha. Futhi njengoba sivumelana, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphiliswa.

51 Baba waseZulwini, ushilo ukuthi impilo yakhe emangalisayo yobuKristu . . . unkosikazi unomdlavuza. O Nkulunkulu, umele yena. UKristu umele yena.

Manje, develi, myekele, eGameni likaJesu Kristu.

52 Kukholwe, mfowethu. Lesi yisikhonkwane esishayelwe phansi khona lapha. Khumbula lolusuku.

53 Baba wethu waseZulwini, lona ngudadewethu oza kithi, Nkosi. Futhi njengokuphila kwesibonelo, uyaphila, futhi uzela ukuphiliswa kwakhe. Futhi thina ngezinhliziyo zethu nezandla sihlanganyele kanye naWe, Nkosi, sicela lesi sibusiso, eGameni likaJesu Kristu.

54 UDadewethu Risert, Nkosi, oyincekukazi yaKho, ufika ngalesisikhathi sikaKhisimuzi. EGameni likaJesu, makaphiliswe. Amen.

55 Baba waseZulwini, siletha lona wesifazane omncane othandekayo kulokhu ukusa, eGameni leNkosi uJesu. Sibeka izandla zethu phezu kwakhe futhi simcelela ukuphiliswa, eGameni likaJesu. Amen.

56 Baba wethu waseZulwini, siyeza futhi sibeka izandla phezu kukadadewethu, eGameni, leloGama elingcwele kakhulu, uJesu Kristu. Sengathi angaphiliswa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

57 Baba wethu waseZulwini, njengoba siletha udadewethu kuWe namhlanje, u—umklomelo womusa waKho, ukuthi Ubunjani kulona wesifazane. Iminyaka neminyaka edlule, enamahora nje ambalwa ukuba aphile, edliwa ngumdlavuza, futhi uphilele uMbuso kaNkulunkulu. Mphilise namhlanje, Nkosi, nganoma yini engalungile, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise.

58 Baba wethu waseZulwini, njengoba udadewethu, naye futhi ungumklomelo womusa kaNkulunkulu, naye. Owahlulwa yizidakamizwa kalusizi nowokuhawukelwa, isidakwa, futhi manje kumi owesifazane othandekayo ophilisiwe. Udaba olunje lokuphilisa, Nkosi! Futhi khona-ke inhliziyo yakhe ivuthela abanye abahluphekile, ngoba uyazi ukuthi kukhona uMphilisi omkhulu. Ukhulume amagama amathathu ehlukene khona

manje, Baba. Ngiyakhuleka futhi ngizixhumanisa nomfowethu lapha, umelusi wethu, futhi—futhi naye, neNkosi uJesu. Futhi kwangathi, eGameni laKhe elikhazimulayo, lababantu abathathu bangakhululwa ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Amen.

Ngiyabonga, mfowethu.

59 Baba okhazimulayo, manje sibeka izandla phezu kukaMfowethu Way. Ucela izinto ezintathu. Wena uyazazi, Nkosi. Futhi siyakholwa ukuthi kulotshiwe, futhi siyazi ukuthi umBhalo uthi, "Zonke izinto." Futhi ngakho-ke siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi lokhu, lokho akucelile, kuzobonakaliswa kuye, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

60 Baba okhazimulayo, sibeka izandla kumfowethu, eGameni leNkosi Jesu, futhi simcelela ukuphiliswa kwakhe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

61 Baba waseZulwini, phezu kukadadewethu, sibeka izandla zethu, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, ukulalela lokho Yena athi kwenze. Sengathi angaphiliswa eGameni likaJesu. Amen.

Busiswa, dadewethu.

62 Baba Nkulunkulu, ngokufanayo, phezu komfowethu, sibeka izandla zethu, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uyamsindisa, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

Dadewethu Arganbright.

63 Baba waseZulwini, sikhulekela uDadewethu Arganbright, ukuthi Uzomphilisa. Siphe khona, Nkosi. Isicelo sakhe, kwangathi anganikwa sona, Baba wethu waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

64 Nkosi Jesu, beka izandla kumfowethu, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi isicelo sakhe singavunywa.

Kukholwe, mfowethu.

65 Baba waseZulwini, sibeka izandla kumfana omncane, eGameni likaJesu Kristu, futhi kwangathi, njengoba simile ndawonye namhlanje ekuseni, ngokukholwa, siletha lo mntwana kuWe. Futhi kwangathi izibusiso zikaNkulunkulu, zamandla aphilisayo kaKristu, angabonakaliswa emzimbeni wakhe omncane, eGameni likaJesu. Amen.

66 Baba Nkulunkulu, phezu kwalobabayi othandekayo omlethayo, futhi sicela ukuthi Uzobonakalisa amandla aKho aphilisayo, eGameni likaJesu.

Busiswa, mfowethu.

67 Baba waseZulwini, njengoba uDadewethu Peckinpaugh, udadewethu odumileyo odingayo, futhi Ubenomusa kanjani

kuye, Nkosi. Ngiyakhuleka ukuthi ukuqhubeka kwaKho kwezibusiso kugeleze kungene enhliziyweni yakhe. Nakho konke ukugula nokudabuka asedlule kukho, kwangathi amandla kaKristu angabuyiselwa kuye, Nkosi, ngokuphindwe ngekhulu, futhi mphilise ngokuphelele, abathandekayo bakhe, eGameni likaJesu. Amen.

Busiswa.

68 Baba waseZulwini, sibeka izandla kumfowethu futhi sicela ukuthi amandla kaJesu Kristu ayamphilisa, ngeGama laloMntwana-uKristu esisemgubhweni wakhe ngalesisikhathi. Amen.

69 Nkulunkulu onomusa, njengoba sibeka izandla zethu phezu kukadadewethu, incekukazi yaKho, eGameni likaJesu Kristu kwangathi angaphiliswa ngenxa yenkazimulo yaKho.

70 Nkosi, sibeka izandla kudadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi angaphiliswa. Amen.

71 Baba waseZulwini, sibeka izandla phezu kukadadewethu lapha, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi amandla kaNkulunkulu angamenza aphiliswe. Amen.

72 Nkosi Jesu, yipha udadewethu isicelo sakhe, njengoba sisicela ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu.

73 Baba wethu waseZulwini, siyabona udadewethu omncane usenathi, yonke leminyaka. SiyaKubonga ngakho, Nkosi. Sikhulekela ukuthi Uzomnika isicelo sakhe, eGameni likaJesu.

Nkosi Nkulunkulu . . .

74 Ini? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Futhi uNkulunkulu ungosezindaweni zonke, ngaphesheya kwezilwandle, ngapha, yonke indawo. Futhi uyakholwa, futhi uNkulunkulu uzokwenza, namhlanje ekuseni, eNorway, uzomphilisa na? [Udade ukhuluma kuMfowethu Branham.] Ini? Indodakazi yakho nobabayi wakho, futhi ubafunela umkhuleko, insindiso.

75 Nkosi, Uyalibona inenekazi elincane futhi siyazi ukuthi Uyazazi izicelo zalo. Ulizwile izwi lalo. Wazi kanjani ukuthi limi lapha na? Lapho, akukho ngisho umzwilili ongashaya umgwaqo ngaphandle kwaKho uwazi. Futhi khona-ke ngiyazi ukuthi Uyasazi lesisicelo, ngakho-ke siyazibiza nje lezizinto, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi angaphiwa khona, ngeGama likaJesu Kristu.

76 Baba waseZulwini, siyakhuleka ukuthi, ngenxa kamama wakhe omdala futhi ozohlinzwa. Nkulunkulu, siza. Futhi uma kukhona noma yini okunye esingakwenza, Nkosi, khuluma nje kimi noma komunye, ngaphambi kwalolusuku, ukududuza umfowethu. Siphe khona, Baba. Ngikucela eGameni likaJesu. Amen.

77 Nkosi, sibeka izandla kudadewethu. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi Ungamphilisa futhi umenze aphile. Amen.

78 [Udade uthi, "Mfowethu Branham, ngifuna ukuma. Ngifuna uze . . . ? . . . "—Umhl.]

Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angamupha isicelo sakhe. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UnguDadewethu Margaret. Ya. Kulungile.

79 Nkosi Jesu, ngikhulekela udadewethu—wethu, umyeni wakhe umele yena. Balwa kanjani, nokuthi Uzibonakalise kanjani qobo lwaKho kubo futhi uZibonakalisile kubo, Nkulunkulu! Ngibonga kakhulu. Siphe, Nkosi, ukuthi umkakhe uzophiliswa, udadewethu oligugu, eGameni likaJesu.

80 Baba waseZulwini, lesisicelo lo mfowethu asicelayo, Wazi konke mayelana nalezizimo, Nkosi. Ngikhulekela inceku yaKho. Nkulunkulu, iphe, nokuphiliswa kwemizimba akhuluma ngayo. Manje, Uzizwile lezozicelo kangcono kunami. Ngakho-ke nje ngicela, ngenhliziyo yami evulekile, e-altare laKho, futhi ngibeka umkhuleko wami nokamfowethu lapha, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi izophendulwa. Amen.

81 Baba waseZulwini, sibeka izandla phezu kukadadewethu ngenxa yesicelo sakhe. Kwangathi angaphiwa sona eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

82 Nkosi, sibeka izandla kudadewethu, ngenxa yesicelo sakhe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphiwa.

83 Baba Nkulunkulu, phezu komfowethu lapha, isicelo sakhe, kwangathi anganikezwa sona, Nkosi. Uzamile ukuKukhonza, yonke le minyaka. Ebunzimeni, usamile njalo. Nkulunkulu, kwangathi angabamba uphondo lwe-altare kulokhu ukusa, eshayela isigxobo phansi lapha eceleni, "Leli yihora lapho lufika khona." Siphe khona. Futhi sengathi lesisicelo singaphiwa umkakhe nomzukulu, eGameni likaJesu.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Brewster. Kukholwe.

84 Baba wethu waseZulwini, lo mama omncane, omi lapha kulokhu ukusa, ube njengomama kwabaningi. Manje ukhulekela abathandekayo bakhe, Nkosi. Ucele lokho, futhi si . . . sonke singajoyina ndawonye, sibeka izandla zethu phezu kwakhe, njengokukodwa, ukuthi siyakukholwa lokhu. Futhi ngezinhliziyo zethu phambi kwe-altare laKho, sicela lesi sicelo asicelayo, ukuba aphiwe sona eGameni likaJesu. Amen!

85 Nkulunkulu, Uyabazi abantu abamele, bonke osenhliziyweni yakhe ngalesisikhathi. Futhi sizibeke kanye naye, Nkosi. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi isicelo sakhe singavunywa. Amen.

86 O Nkulunkulu, siyamazi uDadewethu Hattie. Siyakhuleka, Nkulunkulu, njengoba sibeka izandla zethu phezu kwakhe, vumela ukuthi uMoya oNgcwele uzoba naye, futhi wembule emuva enhliziyweni yakhe. Sicabanga ngabafana bakhe abayigugu, bobabili. Ngicabanga ngokuhlala lapho kulelogumbi ngalolosuku, kwelincane, ikhaya elithobile. Wena wathi, "Mtshele acele akuthandayo, khona-ke yisho iZwi nje." Wacela. Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi Uyabakhathalela lababantu. Ngakho ngiyakhuleka, njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi isicelo sakhe singavunywa.

87 Nkosi Nkulunkulu, njengoba sibeka izandla phezu kukadadewethu omncane, eshayela ehla enqamula lemigwaqo eshelelayo nezinto, ezama ukufinyelela lapha. Wazi konke ngakho. Ngiyamkhulekela, Nkosi, njengoba ngibeka izandla zami phezu kwakhe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angemukela lokho akucelile. Amen.

88 Baba wethu waseZulwini, njengoba lo mfowethu oligugu . . . ukuthi wayephokophele kanjani kanye, Nkosi, osikilidi abadala nezinto kwakumbophele phansi. Ubuyothola ingxoxiswano eyodwa, futhi uyolinda futhi ulinde. Futhi Ubungeke usitshele lutho. Ubengathola enye. Ubuyolinda futhi ulinde, futhi Ubungeke usitshele lutho. Futhi ekugcineni, ngokunye ukusa, ngihlezi lapho, nakhu kufika. Kwase kuphelile ngaleyonkathi. SiyaKubonga, Nkosi. Uqinisile. AmaZwi aKho awehluleki neze. Futhi Wathi, "Labo abalinda eNkosini bayothola amandla abo." Manje, uza nezicelo ezintathu kulokhu ukusa, Nkosi. Futhi simi njengabathathu, ngesithembiso se—sehhovisi likamthathu emunye elenziwe kuNkulunkulu oyedwa. EGameni lalowo oneqiniso noNkulunkulu ophilayo, uJesu Kristu, kwangathi anganikwa isicelo sakhe. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

Nkosi . . .

O, he! [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.]

89 Nkosi, Uyazizwa lezozicelo. Uyazi ukuthi ziphendulwa kanjani, Nkosi. Ngakho-ke sibeka nje izandla phezu kukaDadewethu Baker, eGameni likaJesu Kristu, sinikela isicelo sethu nesakhe, sokuphiliswa. Amen.

Busiswa, dadewethu.

90 [UMfowethu Neville uthi, "Noma ngubani omunye ongenayo, ngena manje."—Umhl.]

91 Baba waseZulwini, njengoba ngibeka izandla phezu kwalomfowethu okahle, kubukeka njengesithombe sempilo impela namuhla, kodwa ngezinye izikhathi lokho kuyakhohlisa. Ngakho-ke ngiyakhuleka ukuthi Uzomupha isicelo sakhe, noma ngabe yini esenhliziyweni yakhe. Mnike lokho akucelile, eGameni likaJesu. Amen.

92 Baba waseZulwini, sibeka izandla phezu kukadadewethu futhi sicela lokho, eGameni leNkosi uJesu, ukuthi Uzomnika isicelo sakhe ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

93 Nkosi Jesu, sibeka izandla phezu komfowethu futhi sicelela isicelo sakhe. Sibonisa lokhu nje, Nkosi, njengoba sibeka izandla phezu kwakhe. Siyazixhumanisa, futhi kulobubunye siyakhuleka eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

94 Baba Nkulunkulu, nodadewethu futhi, senze ngokufanayo. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaba nesicelo sakhe.

Busiswa, dadewethu.

95 Nkulunkulu, njengoba umfowethu oyigugu wayengabulawa ngolunye usuku, kodwa Wawungakamlungiseleli. Ngakho-ke ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomnika isicelo sakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Uyazi ukuthi ungakukholwa kanjani lokho.

96 Baba wethu waseZulwini, njengoba owethu omncane, udadewethu onokwethuka eza ngaphambili, azi, Nkosi, ukuthi beziziningi izinhlupheko zakhe. Kodwa Wethembisile ukuthi, "Ziningi izinhlupheko zabalungileyo, kepha uNkulunkulu uzomkhulula kuzo zonke." Udinga lokhu kukhululwa kabi kabi, Nkosi. Sibeka izandla phezu kwakhe futhi siyabulahla lobububi. Nkosi, phezu kwe-altare laKho legolide, kwangathi amandla kaNkulunkulu angamdudula futhi amphilise . . . ? . . .

97 Kulungile. Nonke nizohlala. Ubulokhu uhleli emuva lapho sonke isikhathi na? Ya. Angikubonanga. O, wena, *ngapha*. Akumangazi. Lena yindoda eyabizwa, bayibiza ngo, "Miner." Lelo yigama lakhe. Kodwa lesi yisikhathi esisodwa lapho uMiner engubuningi. [UMfowethu Miner Arganbright uthi, "Uthini?"—Umhl.] Shono noma yini, noma yini oyifunayo.

98 UMfowethu Miner Arganbright ungomunye we—weFull Gospel Business Men, omunye we . . . usiza kutholwe lo mnyakazo omkhulu, esizama ukuwusebenza ndawonye ukuthola bonke abantu baqonde, kungakhathalekile ukungeniswa kwabo enhlanganweni nehlelo, ukuthi sonke singabazalwane kuKristu.

99 Washo into ethize encane, ngolunye usuku. Wabhalela uSigele noma okuthize phezulu lapho. Kwakungokuphakeme kakhulu ngempela. Futhi ngathi, "Ngifuna nikubhale kugqame. Ngifuna nehlele esontweni futhi nisho lokhu."

Wathi, "Sengikushilo vele."

Ngakho-ke sinakho lapha eteyipini. Futhi ngifuna ukukhipha lokho eteyipini, nina bazalwane. Mfowethu Jim, ngiyazi uyangizwa phakathi lapho, egumbini. Ngifuna lokho. Lokho kwakunguphisi ngempela wo—wosomaqhinga, wenezelwe nakho. Niyabo? Kulungile.

100 Yisho okufunayo, Mfowethu Arganbright. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Amen. Amen.

101 [UMfowethu Arganbright uthi, "Angihlale laphaya. Kulungile, khona lapho."—Umhl.]

102 Kuyiqiniso kanjani! Amen. Kuyiqiniso kanjani! Ukuthula kuyafika futhi kuhambe, nezinjabulo, futhi kuyashabalala nje, kodwa injabulo iyahlala.

103 Awu, ngu—ngu—ngusuku olubi ngaphandle, usuku oluhle ngaphakathi. Futhi, niyazi, ngihlangane nendoda, noma indoda engitshele ngokuhlangana nendoda maduzane, futhi yathi ibikhononda. "O," yathi, "lolu usuku olubi kakhulu." Ithe belina futhi liqhubeka.

Ithe, "Lolu wusuku olumangalisayo."

104 Futhi umfo wathi, "Awu, ukubiza kanjani lokhu ngosuku olumangalisayo na?"

105 Yathi, "Ngizokutshela. Udokotela wangitshela ngonyaka owedlule ukuthi nganginevìki elilodwa kuphela ukuba ngiphile." Yathi, "Nsuku zonke, awu, lolo usuku olumangalisayo." Ya.

106 Ngakho-ke kunjalo, u—usuku olumangalisayo, ngakho-ke sonke . . . Kuyini . . . njengoba umfowethu ethe, "Sonke sasilahlelwe ukufa." Kunjalo, ukufa nokuya ekuhlushweni. Kodwa manje lolu usuku olumangalisayo. Siyaphila kuKristu futhi angeke sisafa. Konke sekuphelile, niyabo. SikuKristu ngempela. Manje ake . . .

107 Manje, etabernakele, uMfowethu Arganbright, ngokuvamisile ngithatha isikhathi sami nje. Ngakho-ke uma ulamba ngasesikhathini sokudla kwakusihlwa, ungathi shelele . . . Ngizizwa ngikhathele kakhulu kulokhu ukusa bengifanele ngisho okuthile nje okunye ukuzigcina ngiqhoshile kancanyana ngize ngi . . . uMoya weNkosi ufika kimi.

108 Ngakho-ke asikhothamise amakhanda ethu manje futhi sikhuleke ngaphambi kokuba sifunde iZwi. Zingaki izicelo zezinye izinto onazo okungukuthi mhlawumbe awukhulekelwanga zona, kwazise nje njengoba uphakamisa izandla zakho. Manje asi—asime kulokhu ukusa njengoba sikhuleka. Lokho kuzokunikeza uguquko lokuma futhi mhlawumbe kuzosiza kancane. Bese kuthi-ke emva komkhuleko, ngifuna nibe nilokhu nje nimile imizuzu embalwa ngize ngifunde iZwi. Ngicabanga ukuthi kukhulu ukuma ngenhlonipho ngenkathi sisafunda iZwi likaNkulunkulu.

109 Baba wethu waseZulwini, siza ngokuzithoba nje njengoba sazi ukuthi kuziwa kanjani, ngezinhliziyo ezingenalutho zazo zonke izifiso zezwe noma izinjabulo zalo. Futhi njengoba umfowethu ecaphunile noma eshilo kithi, "Injabulo, injabulo yeNkosi ingamandla ethu." Futhi siza ngezinhliziyo

ezithabileyo, ukuthi sinalenhlanhla yokuza eBukhoneni baKho, ukucela noma yisiphi isicelo esiyosifisa. Futhi injabulo ifika lapho sibuka eZwini. Futhi sethenjiswa uma singaLikholwa, sizonikezwa lona. Yini engaxhuxhumalisa inhliziyo yomuntu eshayayo, ngaphezulu kunokwazi ukuthi okungafiyo, uNkulunkulu oPhakade wanikeza isithembiso esinjalo na?

110 Manje sithethelele, Nkosi. Futhi uma sonile noma senze noma yini ebingathokozisi kuWe, ukuthi ngaphambi kokuba sicele lezizinto . . . Ngokuba siyazi ukuthi kulotshiwe ukuthi, "Uma izinhliziyo zethu zingasilahli, sinaso isicelo sethu." Kodwa manje sithethelele kukho konke esikwenzile. Buka phezu kwethu, Nkosi, ngomusa nangesihawu. Buka ukuthi siyisigejane esidabukisayo kanjani, Nkosi. Abancane abangabafayo, benwabuzela bezungeza lapha emhlabeni, futhi behuduleka nje kulendawo enesono, kodwa phansi ekujuleni kwenhliziyo yethu siyazi ukuthi kukhona Othile ozayo ngolunye usuku ozosiphakamisa kulendawo asiyise endaweni engcono, futhi siyajabula ngalokhu.

111 Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ngaso sonke isicelo. Bewazi ukuthi bekukhonani emva kwalezozandla eziphakanyisiwe. Baphe khona, Nkosi. Ngiyazikhulekela qobo lwami, ngamandla namhlanje ekuseni, nge—ngephimbo ukusiza nokushumayela iVangeli. Futhi sizocela ukuthi Ubungasibusisa sonke kanye kanye kakhulu kulena leyo esiyigubhayo, inkathi kaKhisimuzi. Nkosi, kwangathi singawuthola uMoya wangempela kaKhisimuzi, futhi kwangathi Ungahlala kanye nathi kuze kube phakade. Ngokuba sicela lokhu eGameni likaJesu nangenxa yaKhe. Amen.

112 Manje, uma nje nizoma umzuzwana nje, ngifuna ukufunda kulokhu ukusa eNcwadini kaMika, okwendawo eyodwa; nakwenye, okuphuma kumaHeberu, isahluko 12 samaHeberu, okwe . . . ukuhlanganisa ingqikithi encane kulokho engingathanda ukukhuluma ngakho namhlanje ekuseni ngomlayezo wethu kaKhisimuzi. KumaHeberu 12:25, kunjalo. Ngithe ukuba nokuphuthuma kulokhu ukusa ngenkathi ngivuka, futhi angibanganakho konke nje endaweni lapho ebengifuna ukuba nakho, ebengifuna ukuba nakho, njalo. Ngiqala ngevesi 2 kuMika 1.

> *Zwanini, . . . nina bantu; lalela, O mhlaba, nokugcwala kwakho: futhi makuthi iNkosi uN*KULUNKULU *ibengufakazi ngani, iNkosi isethempelini laYo elingcwele.*
>
> *Ngoba, bhekani, iN*KOSI *iphuma endaweni yayo, futhi izokwehla, futhi inyathele ezindaweni ezi . . . zomhlaba.*
>
> *Izintaba ziyakuncibilika phansi kwakhe, nezigodi ziyakuqhekezeka,* futhi *kube njengengcina phambi komlilo, nanjengamanzi athululwe emaweni.*

113 Futhi kumaHeberu, isahluko 12 nevesi lama 25, sifunda lokhu.

> *Bhekani ningamali okhulumayo. Ngokuba uma bephunyukile. . . Ngokuba uma bengaphunyukanga labo ababemala lowo owabaxwayisa emhlabeni, asiyikuphunyuka kakhulu* kanjani*, uma simfulathela oxwayisayo esezulwini:*

114 Manje, Nkosi Nkulunkulu, yenezela izibusiso zaKho ekufundweni kweZwi laKho, futhi siphe ngamunye namuhla i—into Ozothanda ukuthi siyazi, ukuze sisuke lapha futhi sizwe ukuthi kade siseBukhoneni baKho, futhi singaqhubekela phambili noku—kubukeka okusha nokuqonda okungcono, nangokuphikelela okukhulu kunalokho ebesinakho ngenkathi singena kulesisakhiwo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

115 Manje, akungabazeki, ukuba bengizokuzwa lokho kufundwa kwendikimba yomlayezo kaKhisimuzi, ngiye ngathi, "Manje akusikho yini ukufundwa okuyinqaba kukaKhisimuzi na?" I. . . Inhloso yami ekwenzeni lokhu, bekungukuletha okuthile ebandleni mhlawumpe mhlawumbe okwehlukile okuncane, ngenxa yokuthi emsakazweni ngoKhisimuzi uzobe uzwa indaba endala ejwayelekile, iphindwaphindwa, yezazi zivela eMpumalanga futhi zithola umntwana uKristu, nokudumisa kwabelusi bezimvu, nokubonakala kweNkanyezi, nazozonke lezizindaba zikaKhisimuzi ezizokwenza inkolelo yethu yezenkolo yanamuhla. Futhi zonke zilungile kakhulu, ngi—ngiyathokoza ngalokho. Kodwa ngicabange ukuthi ebandleni kulokhu ukusa. . . Futhi mhlawumbe umelusi wethu, mhlawumbe kulobubusuku noma ngeSonto elizayo uzobe eletha umyalezo othile kulokho. Futhi ngicabangile khona-ke ukunikeza abantu u—ushintsho lomunye umbono othile ovela . . . mayelana noKhisimuzi, futhi ngiyokwenza. . . ngikhethe le ndikimba. Manje, amazwi ambalwa nje.

116 Futhi manje ngiyanibona nishintsha izindawo, abanye bema, abanye behlala. Futhi lokho—lokho kuhle. Futhi masinyane sizoba nendawo ukuze si. . . Angeke, siyaxolisa asikwazi ukuvumela lezizikhala zezihlalo zigcwaliswe, ngenxa yomlawuli womlilo angeke asivumele senze lokho. Kodwa sizoba nokwengezwa okuncane maduzane impela, iNkosi ithanda. Sebevele bakuqalile, futhi—futhi lokho ngokushesha esingakwenza sizoyiqeda, futhi kuzoba indawo ehluke ngokuphelele lapho sekufika engxenyeni ebonakalayo yendawo. Angeke ngempela kube nokubonakala kwetabernakele elidala. Kuzoba khona amafasitela ayingilazi, kuzobakhona umhlobiso ngezitini eziyizungezile. Kuzobakhona. . . Kuzokwehluka ngokuphelele. Kodwa isakhiwo esidala sizosala lapha, ngoba sinenhloso ngalokho, niyabo. "Izindonga ezindala azisale,"

niyabo. Futhi sizosimboza nje ngaphezulu futhi sibeke amatshe ngokusizungeza, nokunye nokunye, kodwa sihlala sifana nje.

117 Manje, uKhisimuzi. Ngi—ngifisa sengathi ngempela abantu bebeyokwenza, bebeyoqonda kulelizwe, ukuthi uyini ngempela uKhisimuzi. Manje, igama lokuqala u *Khisimuzi* u—uhlobo lwesisho seKatolika. Kusho ukuthi "okaKristu. . ." U *K-h-i-s-i-m-u-z-i*, niyabo, "Imisa likaKristu," niyabo. Lagcotshwa noma laqalwa ngebandla lamaRoma. Futhi uKristu akakaze azalwe ngosuku lwamashumi amabili nanhlanu kaDisemba kunoma nami ngingazange. E-hhe. Yisibumbata esiphelele nje semfundiso engenakuphikiswa. Yilokho kuphela okukhona kukho. "Umhlaba wonke," njengoba umprofethi athi, "sekube yisilonda esibolile." Kunjalo. Nje akukhonto nje ehlanzekile yonke indawo. Lonke iholide lisekelwa yi. . .Ngani, uSanta Claus uthathe indawo kaKhisimuzi, ukuzalwa emkhombeni. Unogwaja nenkukhu nezigqoko ezintsha kuthathe uvuko. Futhi uNkulunkulu uvela kuphi kukho konke lokhu na? Niyabo? Isizathu salokhu yingenxa yokuthi, umuntu, kwezohwebo.

118 Ngani, baqale ukuthenga isipho sikaKhisimuzi ezinyangeni ezedlule, futhi kuyini ngaphandle kokhondolo lobuhedeni! Akukho lutho ngakho ngokwesaba uNkulunkulu. O, bazama ukuthi, "Nikezani izipho, izazi." Lokho nje yi—yindawo enamanzi ogwadule yezaba zikadeveli. Ufuna ukunikela ngokuthile, yimpilo yakho kuKristu. Ungayinikeli komunye, inikele kuYe. Yilokho Akufelayo. Leyo inhloso yaKhe yokuza. Niyabo?

119 Kodwa kuzofanele kube yindawo lapho ku—kuyi—kuyisiqalekiso kubantwana abancane. Umakhelwane othize omncane ezansi nomgwaqo angaba nokuningi, futhi omunye umfo omncane akanalutho, futhi bayabuka. Futhi kungu—kungukuthi yonke into nje iyiphutha ngokuphelele. Yilokho kuphela. Futhi abathengisi benyusa okwabo okuthengwa kuthengiswe kulezizindawo. Ba. . .Ngani, umkami wangena ukuyothola okuthile kwabafo abancane, futhi cishe emavikini amathathu edlule, wathi, "O, sesikuthengise kwaphela. Sonke isitokwe. Senze i-oda eliphindwe kabili lesitokwe kulonyaka, sesikuthengise konke kwaphela." Amaviki amathathu noma amane ngaphambi kwesikhathi sokuqala ukuthenga. O, ukuhleleka kwezohwebo okukhulu kanje okuyikho pho!

120 Futhi, emva kwakho konke, niyazi ukuthi uKhisimuzi waqala kanjani, lokhu esikubiza ngoKhisimuzi, "imisa likaKristu"? Nansi indaba yakho, ukubhalabhala okuncane enginakho kubhalwe phansi lapha ekhasini. Ngisanda kukuqeda nje ngonyaka odlule, ngaphambi kokuba ngibe ne *ImiNyaka yeBandla eyisiKhombisa,* ngakufundisa lapha, ngathatha i*Nicaea Council,* ne*Pre-Nicaea Council*, ne*Post-Nicaea Council*, ne*Nicene Fathers,* ne*Two Babylons* kaHislop ne*Foxe's Book of Martyrs,* nazozonke, ngoba ngibezwile abefundisi bekucaphuna.

Kodwa ngangifuna ukuzifundela ngokwami, ukubona, ukuze ngi—ngizokwazi ngenkathi sengikufundile noma ngakusho kubantu bami, ngoba uNkulunkulu uzongenza ngiphendule ngoSuku lokwaHlulelwa lokho engikusho kubantu. Ngakho-ke, angifanele nje ngisho lokho okwashiwo ngomunye umuntu lokho abakufunda, ngifuna ukukufunda ngesingami, niyabo, futhi ngazi.

121 Manje, ngempela, uKhisimuzi, uKristu, ngiyakholwa futhi cishe ngingakufakazisa . . . Njengovuko lungafakaziswa ngokubheka kuMdali, ukuthi Wayidala kanjani yonke le mpilo yezitshalo, nokuthi yonke into esebenzela inhloso yaKhe ifanele ife kanjani, futhi, uma ifa, ibuye iphile futhi ngoba inokuphila okungapheliyo. Kodwa indlela kuphela engabuye iphile ngayo, imbewu emilayo. Niyabo? Manje, uNkulunkulu uyaziveza Yena uqobo kuleyondalo, futhi kukhombisa ukuthi bonke labo'nkulunkulu abangabahedeni nezinto esinazo azilungile. Niyabo, bangukwazi kokudabuka kwezinto nemicabango. Kodwa u—Lowo Owadala iZulu nomhlaba uyaziveza qobo lwaKhe emuva kwedlule kokudaliweyo kwaKhe, lokho Ayikho ohlelweni lwaKhe. Bese kuthi-ke uma . . .

122 Senake nacabanga, ngenkathi uKristu ezalwa, ukuthi iNdodana kaNkulunkulu, kungani Yazalelwa emkhombeni, esibuyeni, futhi yalaliswa emkhombeni na? Ngoba YayiyiWundlu. Yayingenakuzalelwa ezindlini, amawundlu awazalelwa ezindlini. Futhi khona-ke niqaphelile lapho sebeYiyise eKalvari, futhi ukuthi Ayibalekanga kanjani. Yayinalesi siphambano sibekwe kuYo. Yashaywa umhlane waYo waze wopha igazi. Futhi, kodwa baYihola, bahola iWundlu baliyisa ekuhlatshweni. Niyabo? YayiyiWundlu. Awu, futhi uma bonke lobubufakazi bemvelo, ukuthi Yayiyini . . . Amawundlu lizalwa nini, ngoDisemba noma ngo-Ephreli na? Impela. Niyabo, umbhedo nje, niyabo, ukucabanga into enjalo.

123 Lokhu kwenziwa yibandla lamaRoma Katolika ngaphambi kokuba libe yibandla lamaKatolika eRoma. Cishe ngo A.D. 606 [U A.D. usho ukuthi uJesu azalwa—Umh.], ndawondawo ngaphakathi lapho, noma 306, njalo. Manje, sithola ukuthi abahedeni baseRoma babekhonza uJupiter, okungunkulunkulu welanga; futhi babekhonza u-Ashtoreth, owayengunkulunkulu-wenyanga, noma kungenjalo umama we . . . u—umama wezulu. Awu, ukwehlisa lokhu, basho ukuthi u-Ashtoreth, noma unkulunkulu, umama wezulu wayengasekho, futhi wazibonakalisa kuMariya. Ngakho-ke kusayolokhu kuhleli kungukukhonza izithombe, ukuxhumanisa ubuKristu ekukhonzeni izithombe.

124 Khona-ke futhi, futhi bahlupheka, noma bakhonza futhi bahlonipha usuku lokuzalwa lukankulunkulu wabo welanga, okwakunguJupiter. Kuyilapho ilanga kusukela kolokuqala lukaDisemba kuze kube nguDisemba zingamashumi amabili

nanhlanu, akuguquki, kwedlula ikhaprikhoni yawo. Futhi, empeleni, ngathola uphisi ephepheni engifuna ukunifundela wona ngesinye isikhathi, ukunethusa nje. Nikhuluma ngalokho okwenzeka phansi lapha emfuleni ngalolosuku, ngifuna ukunikhombisa okutholakala eJerusalema ukuqinisa lokho, amaviki ambalwa nje edlule, okuphuma kwiphephandaba. Okuthile abakuthole eJerusalema emavikini ambalwa nje edlule, kuzoqinisa ngokuyikho leyoNgelosi ibonakala phansi lapha ngaso kanye lesosikhathi esifanayo nokuthumela phambili inkonzo. Ya. Niyabo? Manje, angikaze ngikwazi kuze kube nje amaviki ambalwa edlule, futhi nakhu kusephephandabeni.

125 Manje qaphelani ngenkathi kunqamula lokho, ku—kukulokho, niyabo. Manje, emuva kukaDisemba zingamashumi amabili nanye, izinsuku zizoqala ukuba mfushane kancane ngalunye, noma zibe zinde kancanyana usuku ngalunye, kuze kwehlele phansi ngakuJulayi. Bese-ke liqala ukufishaniseka futhi luze lube kahle . . . Futhi lokho nje isikhathi sokuphumula. Futhi abahedeni baseRoma basho ukuthi lolo kwakuwusuku lokuzalwa lukankulunkulu-welanga. Kusukela kolokuqala lukaDisemba, noma zingamashumi amabili nanye kuDisemba kuze kube zingamashumi amabili nanhlanu kuDisemba, babene—nesekisi yamaRoma, imijaho yezinqola nokunye nokunye kwakukulokho, ngalesosikhathi. Awu, khona-ke, ngenkathi amaKristu noma amaKristu angamaRoma, engeza imfundiso yawo engenakuphikiswa ukuthola izinhlangothi zombili, kokubili umhedeni nomKristu, bathi, "Uma kungusuku lokuzalwa lukankulunkulu welanga, asikwenze ngakho konke nje usuku lokuzalwa lweNdodana kaNkulunkulu." Nanto-ke usuku lwakho lwamashumi amabili nanhlanu lukaDisemba okwemisa lakho, imisa likaKristu. O, into esabekayo kanje pho! Niyabo?

126 Manje, ukuxhuma. Ngani, wena uthi, "Belungeke noma yiluphi olunye usuku lukwenze na?" Yebo, kodwa ukuxhumanisa uKristu nobuhedeni na? Yona kanye into Afikela ukuyichitha, babuya baMxhumanisa nayo futhi. Niyabo? Yileyo into eyiphutha. Futhi uSanta Claus, indoda ethize endala eJalimane, ethiwa nguKriss Kringle, yayihamba izungeza inikeza abantwanyana izipho ngosuku lwemisa likaKristu, yayiyiKatolika futhi bayenza ongcwele, manje sekunguSaint Nicholas. Niyabo? Kungcono nje ngi . . . Bazo . . . Lokho, niyakwazi lokho noma kanjani. Niyabo, sinakho e-*ImiNyaka yeBandla.*

127 Kodwa namhlanje ekuseni, engifuna ukukusho yilokhu, ukuthi, lolusuku oluzayo lukaKhisimuzi luthola izwe lingekho esimweni esingcono kunoma lalinjalo eminyakeni eyikhulu eliyishumi nesishiyagalolunye noma elingamashumi amabili edlule ngenkathi uKristu efika. Akukho kwehluka. Cishe nje isimo esifanayo njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo

namanje. Ba...Uma bengingadonsa isiphetho kulokho... noma indikimba kulokho engizokusho, kuzoba: *Ukuhlakazeka KweZwe.*

128 Ngenkathi uKristu efika ngoKhisimuzi, eminyakeni eyikhulu elingamashumi nesishiyagalolunye edlule, izwe lalihlakazeka, yonke into yayifinyelele ekungcoleni. Izwe lezenkolo lalingcolisiwe. Izwe lamaRoma, ngokomthetho wokulunga, lalisekuhlehleni kwalo okuphansi okwedlula konke. O, ukungaziphathi kahle kwezwe! AmaJuda ayeshiye uNkulunkulu wawo futhi ayethathe umkhosi wawo onesizotha ongcwele futhi ayewenze isiko lenkonzo enemininingwane ehlotshisiwe. UNkulunkulu wayesesukile kubo. Futhi babazi ukuthi kwakufanele kwenzeke okuthile, izwe lonke lalazi, ngoba, ukuligcina lihlangene. Lalihlakazeka. Futhi *okuthile* kokuligcina lihlangane, sonke isizwe ngendlela engeyaso uqobo sasifuna okuthile noma othize ukuba eze alihlanganise ndawonye.

129 Uma leso kungesona isithombe namhlanje, angilazi izwe. Lifuna okuthile okuzolihlanganisa ndawonye! Kunjengoba nje kwakunjalo eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule. Izwe, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, lalibheke uMesiya ukuba ahlanganise into ndawonye. Kodwa eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlule, uNkulunkulu wanika izwe uMesiya. Ngoba uma silindele okuthile futhi sifuna okuthile, uNkulunkulu uzosithumelela yona. Futhi manje izwe, emuva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, libuyele esimeni esifanayo elaliyiso eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule. Liyavuthuka, izizwe, akukho—akukho sisekelo ndawo. Ubukhomanisi, ubuKatolika, ubuProtestani, ezombusazwe, isimilo, yonke into iyahlakazeka.

130 Futhi bakhulekela uMesiya. Kodwa nakhu engifuna ukukusho! Ukuba Ubengafika, besiyoMemukela noma besiyokwenza njengoba benza na? BesiyoMenqaba na? Siyakwazi yini esikudinga ngempela na? Ngezinye izikhathi sifuna, sikhulekela izifiso zethu, futhi ngezinye izikhathi izifiso zethu azisona isidingo sethu. Sifanele siqonde ukuthi asikuqondi esikudingayo; sicabanga ukuthi siyakuqonda. Kodwa uNkulunkulu wethembisa ukuhlinzeka izidingo zethu, nokuthi Uzokwenza.

131 Manje, ukuba-ke uJoseph wami omncane, oneminyaka eyisikhombisa ubudala, ubengafuna ukuhamba ayozingela nami, futhi ebeyokhala futhi aklabalasele ukuthatha isibhamu sami ingebe ezishintshayo, silayishwe amagobolondo, "Ngingawubulala unogwaja, Babayi"? Awu, angeke ngi—ngimvumele enze lokho, nokho u—ucabanga ukuthi uyasidinga, kodwa ngazi kakhulu ngaso kunoma yena azi. Futhi ukuba-ke ingane yakho encane enonyaka nohhafu ibingakubona ushefa ngereza eqondile, futhi iklabalase futhi ikhalele leyo reza

na? Nokho ibone wena ushefa, ifuna ukwenza into efanayo. Ngani, uyazi ukuthi yini eyifanele ukwedlula konke. Nokho angeke u—uyivumele iyithathe, ngoba, uma ungubaba ocabanga ngokuzwakalayo ubungeke wenza into enjengaleyo, kodwa ubungamvimbela kukho. Futhi khona-ke izikhathi eziningi ukuthi sifuna into ethize ephambene nokwazi kukaNkulunkulu ngalokho esikudingayo, ngakho Angeke asinike khona.

132 Futhi babekhulekela uMesiya. Babefuna uMesiya. Kodwa nakhu lapho okukhona, babeMfuna ngendlela leyo—leyo ababeyifuna. Futhi uNkulunkulu waMthumela ngendlela AyeMfuna ngayo, futhi baMenqaba.

133 Futhi bayakwenza futhi namhlanje, benza into efanayo namhlanje, baYakwenqaba futhi. Benza into efanayo manje njengoba benza ngaleyonkathi. Ngani na? Ngesizathu esifanayo, isizathu esifanayo. Wafika ngaleyonkathi, futhi siyazi Uyeza. Wafika, nakubo, kodwa Akazange afike ngefeshini nangendlela ababeMfisa afike ngayo. Futhi uma uNkulunkulu ebengasithumelela okuthize namuhla, esikubizayo, nebandla, futhi uma uNkulunkulu ekuthumela asikufuni. Akufiki ukufanelana nokunambitha kwehlelo lethu. Akufiki ukufanelana nomqondo wethu—wethu wesayensi yezenkolo yakho ngezinye izikhathi. Kodwa yiyo—yona kanye into ebesiyikhulekela. Sona kanye isicelo esisicelile phambi kukaNkulunkulu, uNkulunkulu uSithumelele sona, futhi siyaSenqaba.

134 Sifuna isipho sikaKhisimuzi esivela kuNkulunkulu, kodwa sisifuna ngendlela esisifuna ngayo. UNkulunkulu usithumela ngendlela esisidinga ngayo. Uyazi ukuthi yini isizwe, Uyazi ukuthi ibandla lidingani. Kodwa sicabanga ukuthi siyazi, kodwa Uyazi ngempela ukuthi kuyini.

135 Manje, njengoba ngishilo emizuzwini embalwa edlule, siza kuloKhisimuzi futhi, izwe liyahlakazeka. Ake nje sisho nje izinto ezimbalwa engizibhalabhale phansi lapha.

136 Bukani esimilweni esibi sezwe, alikaze libe sesimweni esiphansi, cishe impela. Ngi—nginodatshana lapha engingathanda ukulufunda nje amavesi athi awabe mabili alo. Lutholakala e—ephepheni, iStandard Bearer, yase-Afrika, luthi, "Ukufa kokuzithoba. Ukuzithoba kobufazane, leyokhwalithi enhle uNkulunkulu ayibeke emndenini wesintu ukuba ivikele umgomo wawo wesimilo, iyafa namuhla, njengoba abesifazane namantombazane abangenacala beguqe ngamadolo abo kunkulunkulukazi wezimfashini futhi abangabazi ukuqinisa kakhulu ngokweqile ngokungabi namahloni ngezitayela zesimanje ezinesizotha." Cishe nginekhasi lakho lapha. "Angikaze ngiyizwe kanjani into enjalo! Futhi ukuhahela ucansi kuthathwa njengokusemthethweni bobabili phakathi kwamaKristu nabangesiwona amaKristu."

137 Njengoba lo uMfowethu Arganbright oyigugu nami futhi sehla ngomgwaqo kusesekuseni kulokhu ukusa, besikhuluma ngendaba, kunzima ukuthola intombazane enesizotha esanele ukuba namahloni. Sebezwe amahlaya angcolile amaningi nokungcola, futhi, ngani, ubungeke usho lutho ukubenza babe namahloni. Lapho, eminyakeni embalwa eyedlule, kungengaphezulu lapho ngisengumfana, into encane engalungile, ubuso babo babubabomvu, into encane edlulayo, futhi esinye isiketi esincane sangaphansi sentombazanyana sivezwa esikoleni, futhi ngangimile, ngikhuluma, futhi lapho ibheka ngapha futhi yabona lesisiketi esincane sangaphansi sentombazane ngapha sivela, ubuso bayo obuncane baba bomvu, futhi yasuka kimi, intombazane eneminyaka eyishumi nesithupha ubudala. Ngani, oku . . . leyo yikhwalithi esiyinikwe uNkulunkulu ukuvikela izimilo zethu.

138 Khona-ke ungamangala ukuthi kungani ngimemeza kakhulu ngimelene nombhedo onjena njengoba siwuthola namuhla, sizibiza ngamaKristu, nabesifazane begqoka futhi beziphatha, namadoda ebhema osikilidi, nakho konke okunye, nokuqhubeka kanjalo. Futhi abefundisi epulpiti, bexegisa, futhi bengeke ngisho makuvumele uze epulpiti uzoshumayela umelane nento enjalo. Angazi noma asenzi yini inqwaba eningi namuhla njengoba benza emuva eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule! Khumbulani, ngenkathi u-Israyeli enza lokho, uNkulunkulu wavusa u-Isaya. Ngenkathi lesosikhathi sesiphelile futhi baqala futhi, Wavusa uJeremiya, kwehle njalo kwedlule. Futhi uNkulunkulu akayiguquli indlela yaKhe yokwenza izinto, UnguNkulunkulu oPhakade. Angeke aguquke. Umbono waKhe wokuqala wokwenza uzofanele uhlale ufana.

139 Esikudingayo namhlanje uMlayezo ogcotshwe ngobuMesiya bukaKristu. Kodwa bazoWemukela na? BayaWukhulekela, kodwa ngabe bazoWemukela na? Qhabo, mnumzane, angeke beWemukele. BayaWubethela njengoba benza endaweni yokuqala. Inhliziyo yomuntu iyakhohlisa.

140 Ukuziphatha, umbango wezwe. Lake lalungela nini futhi izwe ukuba lihlakazeke ezimilweni kunoma linjalo namuhla na? Futhi ngubani obeke—ngubani obeke isinyathelo na? Thina maMelikana. Ngenkathi ngangise—seSan Angelo eRoma, lapha kungekudala, emigedeni okulahlwa kuwo izidumbu eSan Angelo, kwakukhona uphawu phezulu lapho kwabesifazane baseMelika, ukuba "Sizani nigqoke izingubo, ukuhlonipha abafileyo, ngaphambi kokungena emgedeni okulahlwa kuwo izidumbu." Isizwe esikholwayo, bekufanele kube yisizwe esesaba uNkulunkulu! Siphila ezahlakalweni ezedlule zabanye abantu, okhokho bethu ababengamaKristu.

141 Umbango wezwe. Akukaze kube nesikhathi ezweni ukuthi lelizwe laliyoke liphinde e—u—ukudwengulwa kwezwe nokuhlakazeka kunoma kunjalo njengamanje. Ngani,

ubona abaphathelene nokuhlela nokusakazwa kwezindaba na—nabahlaziyi nababikezeli, nokunye nokunye, besho ngamabhomu nokuthi bangenzani, noma yisiphi nje isizwe esincane, sibhubhise umhlaba wonke. Futhi akukho ukuthula phakathi kwabo. Angeke ulethe ukuthula ngaleyondlela. Ukuthula nokuhlanganyela akusoze kwafika nge—ngezombusazwe, kufika ngoKristu. Abafuni ukuKwemukela.

142 Bengingakhuluma kanjani ezinye izinto lapha! Ukukhohlakala kwezombusazwe zethu, ngani, ezombusazwe zibole kakhulu! Ubuzwa i *Monitor* ngobunye ubusuku, ngiyacabanga, noma ngicabanga lokhu kusakaza, ihora noma amabili kuphuma eLouisville lapha, lapho bexhume esizweni sonke, futhi babenikeza, bayakwenza kanye ngankathi ngezihloko ezahlukahlukene, futhi bakunikeza ngokushiya kukaMnu. Nixon ezombusazwe ngenkathi elahlekelwa ngumqhudelwano wakhe, umqhudelwano wezombusazwe eLos Angeles, noma ngeCalifornia, futhi "Ngabe uyoke abuye na?" Futhi lapho ukusakaza, emuva kwamahora amabili noma amathathu, ngangikade ngikulalele ngiza ngisuka ezansi endlini kaMfowethu Charlie lapha, futhi ngakulalela ngikhuphuka, uMfowethu Wood nami, emsakazweni. Futhi ngithola ukuthi uNixon, kulolonke izwe elisempumalanga lapha, kuze kufike lapho ukusakaza kufike khona, kusukela eMississippi kuya ePennsylvania, ukuthi wayemehlulile uMnu. Kennedy, futhi abantu beshaya ucingo futhi bezwakalisa, cishe amavoti amane kuya kwelilodwa. Khona-ke indoda yasukuma futhi yathi, "Ukube beningenayo—nayo imishini erobhayo ubezoba nguMongameli." Nakho lapho okhona. Ezombusazwe, ukukhohlisa, ukubola nhlangothi zombili. Angimsoli, nami bengizophakamisa izandla zami, nami, futhi ngiyekele leyonto ecasulayo yonakale, ihamba nezwe noma kanjani. Kepha umise izandla zakho zibheke kuKristu bese uthi, "Nakhu ngiyeza, Nkosi."

143 Umbango wezwe. Futhi manje lapho obufanele ucabange ukuthi bebefanele bazame ukubamba ndawonye, babehlukene kakhulu. Yileyondlela okwakungayo esikhathini esizayo eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule lapho izwe lalihlakazeka. Liyahlakazeka namuhla ngaphansi kwezimo ezifanayo.

144 Bese kuthi-ke inkohlakalo yebandla! O, he! Inkohlakalo yezenkolo! O, kuyahlekisa ukubona izwe emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili yeBhayibheli noMoya oNgcwele ulapha emhlabeni, futhi namhlanje uyahlakazeka kabi njengoba wawunjalo eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule. Inkohlakalo yezenkolo. Ezombusazwe zingene enkolweni, nenkolo ingene kwezombusazwe. Kuyinto enyanyekayo ukubona isimo! Ngiyazi kunjalo. Wena uthi, "Mfowethu Branham, ubungafanele ukusidwebela isithombe esinjengalesi lapha

ngesikhathi sikaKhisimuzi." Ubufanele ulazi iqiniso, obufanele ukwazi! Manje, kungenzeka kanjani . . .

145 UNkulunkulu uzobusisa, kodwa lesosibusiso sizofanele size ngaphansi kwezimo ezithile, izidingakalo ezithile ofanele uhlangabezane nazo. Futhi uma ungahlangabezani nalezozidingo, khona-ke izibusiso nezithembiso zikaNkulunkulu ziyize kuwe. UNkulunkulu wathembisa ukuhlangana no-Israyeli inqobo nje uma babegcine leyo mikhosi enesizotha nezinto, ngo—ngobungcwele nangobuqotho. UNkulunkulu wahlangana nabo. Kodwa lapho yena, bavele bahamba ukukwenza njengesiko nje lomndeni, khona-ke uNkulunkulu wenqaba ukuphinda akwenze. Wathi kuyanuka ebusweni baKhe. Ngakho-ke yinto efanayo namhlanje, ukuthi si—si—sizofanele sibuyele emuva kulokho okuyiqiniso lento.

146 Umbango wezombusazwe emabandleni! Simile namhlanje cishe namahlelo angamakhulu ayisishiyagalolunye obuKristu ehlukahlukene, ngalinye lilwa nelinye. Awu, lokho yi, kwakungekubi kangako ngenkathi Efika, kwakunezingxenye ezine noma ezinhlanu kuphela zawo, abaFarisi nabaSadusi, nokunye nokunye. Kodwa manje sesithole amakhulu ayisishiyagalolunye nokuthize. Ngani, kusesimweni esibi kakhulu, ibandla likuso, kuloKhisimuzi, kunalokho elaliyikho eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule ngoKhisimuzi. Belisesimweni esibi kakhulu manje. Umbango wamahlelo! Yini ekubangele konke, mngani, yingenxa yokuthi ezombusazwe zithathe indawo kaMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele ufuna ukuthatha iZwi likaNkulunkulu bese uhola ibandla liye ekunqobeni, kodwa izinhlelo zezemfundo nezinhlelo zosopoliti, izivumokholo namahlelo sekuliholele ezindleleni ezingamakhulu ayisishiyagalolunye ezihlukahlukene. Ngakho-ke ibandla alinayo . . . Lokho okubizwa ngokuthi "ibandla." Angiqondile iBandla langempela; Lisalokhu livutha liqhubeka, o, yebo, Lisalokhu lihlezi lifana. Kodwa lokho okubizwa ngokuthi "ibandla" ezweni, lokho kubonakala kungu—nguhlaka olubeka i . . . kuhlanganisa izwe ndawonye, lokho kubhanqa ndawonye lokho esikubiza namuhla ngezimilo nezinto zezwe, kungcolisile. Imithambo yawo—yawo ibolile, futhi u . . . imihlwa yobugovu, futhi idle zona kanye izisekelo eziphuma ngaphansi. Kuyiqiniso impela. Manje esimweni nje Elathi liyosithola, uThimothewu wesiBili 3, "Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu," kanjalo kanjalo.

147 Khona-ke uma sibona ezombusazwe esimweni ezikuso ezizweni, futhi sibona amabandla enkohlakalweni yawo emahlelweni awo, futhi nokho sifuna uNkulunkulu ukuba eze kithi kulezozinto. UNkulunkulu angeke ehle kulowomsele kanye nathi, ngaphansi kwezinto esiMfuna eze ngazo. Angeke akwenze. Ungcwele futhi U—U—Uyakwazi okukwedlula konke.

Uma sibiza, Uyasiphendula. Futhi uma Ethumela impendulo, siyaYenqaba. SiYifuna ngendlela esiYifuna ngayo. Futhi sizama ukuthola uNkulunkulu, futhi sizama ukuzisindisa, ngayo kanye into efakazelwe kithina. Bandla, ngicela nizwe lokhu! Yona kanye into efakazelwe ngokumesaba uNkulunkulu kithina, esonakalisile, futhi nokho sibheke kuleyo nqubo impela ukuba isisindise. Buyela eZwini! Yilokho uMesiya abeyokusho. Manje, kodwa sibuka kwe—kwezombusazwe. Sizama okwezwe lesizwe, sizama ukulisindisa ngezombusazwe. Ibandla lifuna izwe lethu lisindiswe (ibandla lezwe) ngezombusazwe. Lesisigigaba sishaye izwe isikhathi emva kwesikhathi, selokhu kwasukela esikhathini sikaMose. Into efanayo, ezombusazwe zizama ukubusa. Futhi konakele. Ayikho indlela umuntu angayenza, akukho lutho oluhle kumuntu kwasekuqaleni nje. Yingalesosizathu ezodingeka afe.

148 Futhi lapho si—lapho si—lapho sibona lelizwe likulesisimo, libonakala lihlakazeka kuwo wonke unyaka, lapho izwe lingena kulesosimo, abantu bayakhuleka. O, ngisho noMongameli ubiza i (bekuyini na?) imizuzu eyishumi noma ihora noma okuthize, komkhuleko. Lokho ngeke kusize ngalutho. Esikudingayo akusiwo umkhuleko kodwa ukuphendukela, ukujikela emuva, ukuqhela, ukulahla. Ukubuyela kuNkulunkulu! Ngingaqoka ukuba nenduduzo yami yakhelwe phezu kweZwi likaNkulunkulu nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, uBukhona bukaKristu, kunakho konke ukuphepha lokho ezombusazwe noma amabandla angake aze akunike khona. Impela, ngoba ngiyazi Lokho kuzokuma.

149 Asinaso ngisho isizwe ebesingabangcono ngaphandle kwaso, uma nje besingaba nesizwe sikaNkulunkulu, uMbuso kaNkulunkulu. UNkulunkulu uhlala njalo ephendula futhi ubathumelela ukukhululeka, kodwa abafuni ukukwemukela. Ukuthi, uNkulunkulu uyaphendula lapho isizwe singena kuloluhlobo lwezimo, ngaso sonke isikhathi. Lapho izwe, njalo, lingena kulesisimo, lihlakazeka, khona-ke uNkulunkulu njalo uphendula umkhuleko wabo, ubathumelela umprofethi noma okuthize, omunye umprofethi onamandla ukukuqhumisa. Kodwa angeke bamlalele. Benzani na? Bamfaka ethuneni. UJesu wathi, "Yimuphi kini, woyihlo ongazange afake abaprofethi phandle lapho ethuneni, bese-ke eba mhlophe, bawenze abe mhlophe manje, futhi bakhe amathuna abo na? Futhi yini enibafake phakathi lapho." Kunjalo. "Yimuphi we . . .?" Bakhalela usizo. UNkulunkulu waluthumela kubo, futhi baLwenqaba. Khona-ke ini, uNkulunkulu ozosolwa noma abantu abazosolwa na? Abantu okumele basolwe. Impela.

150 Ngenkathi uJesu ezalwa, lelozwe, njengoba ngishilo, liyahlakazeka. Lalilawulwa ngezombusazwe, nezombusazwe zazonakele ngalezozinsuku. Ibandla lezwe lalonakele. AmaRoma namaGreki ayebheka umesiya ogcotshiwe. AmaGreki

namaRoma okungukuthi mhlawumpe ayenengxenye engcono kakhulu yezwe, futhi babelwa bodwa, phakathi komunye nomunye, ngakho ba—babebheka umesiya othile ogcotshiwe ukuba afike. Futhi amaJuda, ayefuna umesiya ukuba afike. Futhi amaRoma ayefuna usopolitiki othile omkhulu owayengasukuma eRoma, angamele iGrisi futhi abatshele ukuthi kwenziwa kanjani, neRoma iyobusa umhlaba. IGrisi yayifuna usopolitiki omkhulu ukuba asukume, usopolitiki ogcotshiwe, umesiya, yayiyothi, "Sizo—sizowathatha amaRoma namaJuda, nabo bonke." Niyabo, yilokho ababekufuna.

Uma leso kungesona isithombe namhlanje, angazi ukuthi kuyini. Kulungile!

151 Ezombusazwe zazifuna umesiya ogcotshiwe. Futhi amaJuda ayebheke umesiya, futhi ayefuna ozongena hhayi njengoba bathola, babefuna ujenene owayezongena futhi abanyathele bobabili iRoma neGrisi isukele bona emhlabeni. Yilolohlobo lukamesiya ababelufuna. Babekhulekela lolohlobo lukamesiya. AmaRoma athi, "Sithumelele oyedwa. Masivotele omunye umuntu angene oyindoda egcotshiwe, indoda eqondayo, ingumlumbi kwezombusazwe, izolazi ncamashi isu lokuthatha iGrisi nawo wonke umhlaba." Umhlaba wonke wawumemeza, "Sithumelele umuntu ozo—ozoba—ozoba ngogcotshwe kakhulu ngomqondo wesihlakani ukuthi uzokwazi ukuthi angawengamela kanjani umhlaba wonke."

Manje, uma lokho kungesiso isithombe sezwe namhlanje, angazi.

152 Futhi ibandla, liyamemeza, "Sithumelele ujenene ukuba ehle, futhi ozosifaka sonke ezikhalini, futhi owaziyo ukuthi isetshenziswa kanjani inkemba futhi asitshele isu, futhi sizoyigxoba iRoma, iGriki, nawo wonke amanye asuke emhlabeni." Yileyondlela abafuna ukuyenza, ukubusa! Lawo a—amandla.

153 Into efanayo nje namhlanje esiyithola emabandleni. Nina maMethodisti, nibheke umesiya. Hlobo luni lukamesiya na? Hhayi lowo uNkulunkulu abeyonithumelela yena. Nina maBaptisti, nibheke umesiya. Nina ma-Assemblies of God, nibheke oyedwa. Nina bakaMunye, nibheke oyedwa. Kunjalo. Kodwa yini eniyibhekile na? Into efanayo izwe lezombusazwe eliyibhekile. Okwesihlakani sezezibalo esithize esikhulu, isifundiswa esithile esikhulu esine-D.D., i-Ph.D., ukuba singene ebandleni lakho, esiyongqongqotha lamahlelo siwakhiphe futhi senze onke ajoyine elenu. Umfo othize omuhle kakhulu ekusukeni kwenye inkolo aye kwenye angengamela yonke into.

154 Nikhalela umesiya lapha ngesikhathi sikaKhisimuzi. E-hhe. Batholani na? Ba—babekufuna. Bafuna ukulengamela. Izwe namuhla lifuna ukwengamela. Ibandla lifuna ukwengamela, ihlelo ngalinye. Kodwa bukani ukuthi uNkulunkulu

ubanikeni! Babefuna isihlakani sezempi. Babefuna i—isihlakani sezesayensi, kodwa uNkulunkulu ubanika iWundlu, iNgane. Ukwehlukana okunje! Ucabanga ukuthi bebeyomemukela lowo Mntwana okhalayo na? Kodwa yilokho ababekudinga. UNkulunkulu ukunikeza ngokwezidingo zakho. Impela. Ba . . . Wathola . . . Bathola iNgane ngenkathi babefuna ujenene; kodwa bathola iNgane, emnene, ephansi. UNkulunkulu wayezazi izidingo zabo, noma kunjalo.

155 Akazange eze ukuba abe ngowezwe noma usopolitiki webandla. Futhi uma uMesiya ebeyofika namuhla, Ubengeke abe ngowezwe noma usopolitiki webandla. Futhi uma sikhalela umuntu onjalo, uNkulunkulu uzosithumelela ukukhululwa, kodwa sizofanele siYemukele ngendlela AYithumela ngayo. Abakwenzanga, babengaYifuni ngaleyondlela. Ibandla liyamemeza namhlanje, "O Baba waseZulwini, Ungasiza uthumele uJesu kithi na? Ungasisiza na?" Futhi lapho uMoya oNgcwele uqala ukungena, "O, lokho i . . . Asikufuni lokho." Niyabo? Awu, yiba, "O, o, angeke sibe nalendoda ibuse phezu kwethu. O, angifuni ukuzwa Lokho. Qhabo. Mina . . . bengingekwamukele Lokho, ihlelo lami angeke likukholwe Lokho." Khona-ke awumfuni uMesiya, awulufuni ugcobo. Uma uNkulunkulu athumela uMesiya, Wayezoba yiZwi ngeZwi ngqo leBhayibheli, khona lokho impela Ayeyikho esikhathini sokuqala. Ukukhala kwezwe, lapho sibona osopolitiki nakho konke okunye okuncinza kuphume khona kanye ukuPhila kwebandla, futhi siyakhala, futhi uNkulunkulu wakuthumela kithi, khona-ke saKwenqaba. "Kunjalo, besingeke sikufune. Qhabo, uma kungahambisananga nezinkolelo zethu—zethu zamahlelo, besingeKwemukele." Niyabo? O, aniwuboni ukuthi uKhisimuzi wangempela uyini . . . Abantu abaWufuni. Abayifuni indlela kaNkulunkulu yokuWuthumela. Babheke okuthize, kodwa abaWufuni.

156 Manje, uNkulunkulu wabathumelela, ngosuku ababekhala ngalo, hhayi isihlakani sezempi, hhayi ujenene omkhulu ehla ngeshasipele nezikhali, nangenkemba engaphezu kwemvelo noma umkhonto ayengawuphakamisa futhi axoshele iRoma neGriki nawo onke ayongena olwandle futhi abaminzise futhi. Akabathumelanga into enjengaleyo, nakuba Asho ukuthi Wakwenza ngesinye isikhathi kuMose, kodwa babekudinga ngaleyonkathi. Kodwa Wabathumelela uMsindisi futhi babengaKufuni. Babecabanga kwakukhona . . . babesindisiwe. Niyabo? Kungaleyondlela ngamabandla namhlanje. Uyawathola ngalesisikhathi sikaKhisimuzi nakho konke okucwebezelayo kukaKhisimuzi, amalambu kaSanta Claus, ukhondolo lwabahedeni nezinto kuqathakele kuwo omabili amabandla eKatolika neProtestani, futhi onakele nje njengoba engaba njalo. Futhi uNkulunkulu ubathumelela uMsindisi. Ini? Buyela eZwini. UMoya oNgcwele, uMesiya kaNkulunkulu,

Ogcotshiweyo waKhe, ukugcoba ibandla laKhe futhi ukuthumela emuva eZwini. Nicabanga ukuthi bayaKufuna na? Qhabo, mnumzane. Angeke babe naKho. Bazolenqaba njengoba behlale benza.

157 Uthumela uMsindisi, kodwa yini Ayithumelela uMsindisi ngaleyonkathi na? Ngifuna ukuqathaza okuthile okuncane lapha okuzonisiza. Kukhona abantu abamiselwe ngaphambili abazoKwemukela. Kwakukhona ngenkathi Efika okokuqala, kuyoba khona lapho Efika ngokwesibili. Akunandaba ukuthi izwe lebandla lizocabangani ngakho, abanye... AkaKuthumeleli ize. Omunye uzoWemukela. Kukhona ozoWuthola, yilokho kuphela; kodwa hhayi izwe lezombusazwe noma ibandla lezombusazwe, noma ngabe kuyini. Kodwa uma umemeza futhi uNkulunkulu aWuthumele, omunye othile uzo—uzoWemukela. Kunjalo.

158 Wathumela uMsindisi, hhayi ukugxoba akhiphe izizwe. Njengoba besiyocabanga namhlanje, sidinga indoda engasukuma. IMelika ifuna indoda ezongqongqotha iRashiya kulowo ongeke abe nakho. IRashiya ifuna indoda ezongqongqotha umhlaba wonke uphume futhi ibayise enyangeni. Kodwa uNkulunkulu usithumelela ukuthula. UNkulunkulu usithumelela ithemba. Asikufuni. O, uthi, "Si—singaba nokuthula, izizwe zifuna ukuthula." Ngempela. Futhi bacabanga ukuthi bangaba nakho ngenkathi i-U.N. ihlangana. Awu, i-U.N. iqhele kakhulu kukho. Ukuthula kwalelizwe, elinakho namuhla, kufana nebhaluni leraba lintanta emoyeni, wonke nje umoya omncane ungathwala uliyise noma ngayiphi indlela ofuna ngayo. Impela. Noma yiluphi ushintsho oluncane lwezombusazwe lilushwilizisa lisuke ohlangothini olulodwa luye kolunye. Angeke ukhuleke kwi-U.N. ngenxa yokuthi kungahle kulimaze amagama abanye abantu, imizwa engakholelwa ngisho nakuNkulunkulu. Lokho kungukuqiniswa akusikho, vele nje uphafuze noma ngayiphi indlela na? Futhi enye into, ibhaluni lizoqhuma kunoma yini, futhi. Amen. Futhi lokhu kwezwe okubizwa ngokuthula, yi-U.N. nokunye nokunye, kuzoqhuma. Kunjalo. Akukho kuthula kulokho. Angeke ukuthole ukuthula ngokuzuza ngempumelelo okwenziwe ngumuntu. Akukho lapho. Lithathwa yiwo wonke umoya!

159 Ibandla lifuna okukodwa. Bafuna...ukuthula kwabo kumayelana...bavayizelisa cishe ngawo wonke umoya wemfundiso, futhi. Yonke into iyashanela ngokuzungeza, omunye wabo uthi, "O, ngicabanga ukuthi sonke sifanele senze..."

160 Niyacabanga na? Aninakho ukucabanga okuzayo. UNkulunkulu usevele uyizwakalisile imicabango yaKhe. Awunalungelo lokucabanga. "Mawube kini umqondo owawukuKristu." Futhi Wayehlosile futhi wenza intando kaNkulunkulu. Wathi, "Uma Ngingayenzi imisebenzi

kaNkulunkulu, khona-ke ningaNgikholwa." Niyabo? Awunakho ukucabanga okufikayo. NguYe Ocabangayo. Mawube kini umqondo waKhe, cabangani nje okufanayo, futhi lelo yiZwi laKhe. Uzocabanga kanjani ngokwehlukile na? Usevele uyizwakalisile imicabango yaKhe kithina. Kodwa sifuna ukwenza ukucabanga kwethu, "Ngicabanga ukuthi bebefanele benze lokhu."

161 Bengigibele nomphefumulo omdala othandekayo izolo, ngikhuphuka ukuyokhulekela umntwana ogulayo. Futhi lapho sifika emntwaneni ogulayo, umndeni ubungafuni simkhulekele, bekungumbono walendoda nje. Noma kunjalo, emgwaqeni sikhuphuka, leli nenekazi lathi, inenekazi elidala cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nanye ubudala, elihlakaniphile, owesifazane okhaliphile, omuhle kakhulu, kodwa wathi, "Ngicabanga ukuthi yini ebifanele yenzeke," (niyabo, "Ngiyacabanga") "ukuthi onke amabandla afanele ahlangane futhi abe munye." Yilokho impela udeveli akucabangayo. Kodwa uNkulunkulu ufuna ukwehlukaniswa kweBandla laKhe ezintweni zezwe. Akafuni lihlanganiswe nezombusazwe zebandla. Niyabo? Futhi kuthiwani uma uNkulunkulu wayethumele uMesiya ezweni na? Futhi lokho . . . Lelo nenekazi lalicabanga kuphela imicabango yomhlaba wonke. Uyini uMfelandawonye weBandla ngaphandle komcabango ofanayo na? Uyini uMkhandlu wamaBandla oMhlaba ngaphandle kwenhloso efanayo ukuzuza ngempumelelo wona kanye lowomcabango na? Kunjalo na? Awu, khona-ke, inenekazi, lelo nenekazi lezwakalisa kuphela imicabango yezwe.

162 Kodwa nansi imicabango kaNkulunkulu eBhayibhelini. Asinalungelo lokuthatha okwehlukile kuLokho. Lowo ngumcabango kaNkulunkulu uzwakaliswe kithi. Siyabona, sithola izwe lihlakazeka, futhi sikhalela okuthile. AsiKwemukele. Manje, uma kwemukela futhi kuzama ukusiholela kwezombusazwe, yiyona kanye into esonakalisile.

163 Nginento encane ukutshela umholi kazwelonke waleChristian Businessmen. Yiqembu elikahle labantu, kodwa uma beqale ngendlela engalungile, bazoba nguphawuda njengabo bonke, babe yihlelo. Futhi ngifuna ningikhulekele futhi nikhulekele le ndoda. Ngizofanele ngihambe, nginombono ovela eNkosini ngayo. Niyabo? Futhi uma bengenzi ukuphenduka, uma beqhubeka, beza enhlanganweni. Futhi, lapho bekwenza, uNkulunkulu useqedile ngakho. Kunjalo.

164 Niyabo, abantu abakwazi ukuhlangana ndawonye ngaphandle uma bezama ukuthola imibono yabo uqobo. Yingalesosizathu uNkulunkulu ethatha umuntu ngamunye. Niyabo? UNkulunkulu akasebenzani futhi akasoze wasebenzana nehlelo. Ayikho indawo emlandweni lapho ake Wakwenza. Usebenzana nabantu ngamunye, umuntu oyedwa. Kunjalo.

Kodwa sizama ukuthola iqembu labantu ndawonye bese sithi "yi*le*ndlela futhi *leyo*ndlela," kanjalonjalo. Into yokuqala niyazi, emikhulu, ehlakaniphile, imiqondo ekhaliphile, leziziqhwaga udeveli azithumele, ziyangena futhi zithi, "Awu, kufanele kube *yilokhu*. Ngingakufakazisa kuwe." Akunandaba ukuthi yini ongakufakazisa, uma kuphambene naleloZwi, suka kukho. Kunjalo. Susa wonke umoya wemfundiso. Uphephethe noma yikuphi futhi uwuqhumise noma ngasiphi isikhathi. Yiqiniso.

165 IRashiya namuhla ibheke umesiya ogcotshiwe. Yini abayibhekile na? Kuthiwani-ke ukuba uNkulunkulu wayebathumelele uMesiya ogcotshiwe, iWundlu njengoba Enza eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule na? BaLisusa njengoba nje uHerodi akwenza, bazama okwabo okwedlula konke ukuLisusa. Uyini umbono weRashiya ngomesiya na? Bafuna isayensi. Bafuna isayensi egcotshiwe, usosayensi, isihlakani esingabanqobela umhlaba, esingabashaya, umhlaba wonke kuyofika enyangeni, esiganqoba emkhathini ongaphandle, esingabathatha sibayise ngaleya kwezinkanyezi. Yilolohlobo lukamesiya iRashiya elibhekile.

166 O Nkulunkulu! Manje lalelani, sisesikhathini sikaKhisimuzi futhi. Ukuba-ke babekutholile na? Khona-ke babheke okuthile okuphambene nalokho. Bebezofikaphi bonke abantu uNkulunkulu abadalile na? Niyabo? Niyabo, uNkulunkulu uyazi ukuthi sidingani, hhayi lokho esikufunayo. Manje ukufundisisa ngalokho. Kuthiwani ukuba iRashiya yathola owayo ogcotshiwe na? Manje, babengeke balemukele iWundlu. Qhabo, qhabo, babengeke bemukele noma yini. Qhabo, mnumzane, abakufuni. Yilokho kuphela okukhona kukho, abakufuni nje. Abafuni lutho olunjengalokho. Bafuna umesiya ogcotshiwe. Awu, u*mesiya* kusho "ogcotshiweyo." Ngakho-ke uma befuna ogcotshiweyo, kodwa bafuna usosayensi ogcotshiwe, isihlakani esingathatha ama-atomu futhi siwahlukanise, esinganqoba umkhathi, esingathatha iRashiya iye enyangeni futhi sibuke emuva futhi sizimbambathe esifubeni, futhi sithi, "Nonke nina-mhlaba niyizinja, sikhonzeni." Yilokho-ke, yilokho iRashiya ekufunayo. O, yebo, mnumzane. Niyazi, izwe lonke liyakhala . . .

167 IJalimane yakhalela omunye wayo kungekudala. Banaye oyedwa. Bukani ukuthi banani ngakho, futhi. Niyabo? Niyaqonda, aniqondi na? BanoHitler. Futhi bazitholele ini na? Inxushunxushu. Yilokho laba omesiya abagcotshiweyo akubalayo uma wenqaba uMesiya kaNkulunkulu. Batholani na? Ngenkathi izibusiso zepentecostal zazishaye iRashiya, noma iJalimane, bawenqaba uMlayezo. Babahleka futhi babafaka ejele. Benzani na? Basenqaba isiPhambano, futhi bathola isiphambano esiphindwe kabili, uphawu lwezenkolo i-swastika. Awuwemukeli umusa, khona-ke akusekho lutho olusele kodwa ukwahlulela. Lelo yiqiniso, mngani. Manje buka ukuthi bakuphi namhlanje. Niyabo? Qaphelani, abanabo ubulungu ndawo,

bangabantu nje abephukile. Bemukele umesiya okungesuye. Futhi uma iRashiya ibingathola oyedwa onjalo, akunandaba ukuthi babezemukele kanjani izihlakani zabo, kuzofika entweni efanayo. Kuzobhubhisa isizwe sonke. Niyabo?

168 INdiya namuhla ifuna ogcotshiweyo. Bafuna umesiya. Manje khumbulani, u*mesiya* kuchaza "ogcotshiwe." Bafuna ogcotshiweyo. Yini abayifunayo na? Bafuna lowo ozobondla, abanike okuthile abazokudla; abagqokise, ngaphandle kokukusebenzela, bavele bahambe nje behle benyuke emigwaqeni futhi bakuphose bakukhiphe kusuka ohlangothini kuye kolunye. Nakho lapho okhona. Angeke basebenze, bafuna nje ukucela. Ngakho-ke bafuna uhlobo oluthile lwendoda engcwele ukuba ivuke engafinyelela phezulu esicongweni sezihlahla futhi isinyakazise, isinkwa nenyama ne—nezinto, phansi, phezulu esicongweni sabo, futhi bayahlala bazungeze futhi badle, futhi balale usuku lonke, futhi bavuke futhi babe nezingubo zokugqoka ezinhle ukwedlula zonke, futhi lolo—lolo uhlobo lukamesiya iNdiya elufunayo.

169 IRashiya ifuna ubuhlakani besayensi kube ngumesiya wayo ogcotshiwe kuloKhisimuzi. Yilokho abafuna ukunikezwa khona. INdiya ifuna umesiya ongabondla futhi abagqokise, ngaphandle kokusebenza.

170 Melika, yini eniyifunayo na? Uthini umbono wenu, Melika na? Kade nikhalela umesiya. Ngiyazi ukuthi lokhu kuyaqoshwa. Kade nikhalela umesiya. Nifunani na? Nikutholile ebenikufuna. Benifuna usopolitiki, futhi nikutholile. Manje nizokwenzani ngakho na? Kuzonihlinza, yilokho impela okuzokwenza, kuzonithumela ethuneni lenu. Benikufuna, nisitholile isifiso senu. Manje nizokwenzani ngaso na? Kusezandleni zenu manje, u-Ahabi wesimodeni noJezebeli. Yona kanye into eniyihambisa lapha nenzela inkululeko, nizidonsile nazibuyisela emuva ngqo kukho futhi, kodwa yilokho ebenikufuna. Nifuna uRicky othile oyisicaba phezulu, uElvis wasimodeni wosuku, nikutholile. Benifuna ohlakaniphile, usopolitiki ofundile onobuchopho obunobuhlakani, nikutholile. Nikwenze kanjani na? Ngerojiwe, imishini yezombusazwe ukukungenisa, kudonselwe phezu kwamehlo abantu abalungile. Manje, angisuye oweDemokrati noma oweRepablikeni, ngingumKristu. Niyabo? Niyabo? Zombili izinhlangothi zibolile. Kodwa uma umuntu owakwenza okungenani wabonakalisa imicabango namathemba obuKristu ngakolunye uhlangothi, bese-ke uyajika futhi usethe imishini (ukwenzani na?) ukukhetha isihlakani obukade usifuna. Wakwenza kanjani na? Nimfake kwithelevishini, nakusakaza ezweni lonke, o, he, nizama ukuhlola amandla engqondo phakathi komongameli ababili abakhethwayo. Ukuba babe i . . . Nikhethe lowo enicabange ukuthi ubenobuchopho bobuhlakani, futhi ningabheki lokho obekungemuva kwakho.

171 Niyabona ukuthi ninani ekuthengiseni kwenu na? E-hhe. E-hhe. O, nguKhisimuzi futhi. Ya, iMelika imtholile umesiya wayo, nizokwenzani ngaye na? Mbukeni lokho akwenzayo kini. Khukhumbula nje, njengoba uHitler enza eJalimane. Khumbulani nje, gcinani lokho engqondweni yenu. Kuyateyishwa. Ya. Ninakho. Nokho, kwakusalokhu kunokwenele okuphuma kulezi zimvuselelo ezedlule ezweni, abantu abahloniphayo ngokwenele bahambe nezingqondo ezesaba uNkulunkulu kubo, lokho bekuzokwenza into futhi ibambelele isikhashana. Kodwa niziqambele nina, ngezihambisi-mshini zenu, nemishini engarobha emavotini, namaphephandaba enu akusakazile ezweni lonke, futhi anenzanga lutho ngakho ukukuqondisa. Kodwa nikutholile. Yilolohlobo lukamesiya ababelufuna, ngakho-ke ngiyacabanga bangahle babe sekuphumuleni, banesihlakani, ubuchopho, impela, esihlakaniphile, esifunde kakhulu.

172 Futhi nazi kahle noku—kufundisa okuhle kweNkosi yenu, ukuthi abantu ababi bosuku, futhi nsuku zonke, bekulokhu kungabantu abahlakaniphile. Anazi yini ukuthi kwakungabantu bakaKayini ababa ngososayensi nesihlakani, ngenkathi abantu bakaNkulunkulu babengabelusi bezimvu kanjalonjalo, kuze kuthi ngqu phansi ekubhujisweni na? Futhi kwakuyilabo balimi abangabantukazana abazithobile nokunye nokunye abasindiswa emkhunjini, futhi isihlakani sabhujiswa. Anazi yini ukuthi uJesu wathi, "Abantwana balolusuku, lelizwe, u—u—ukhaliphe kakhulu futhi uhlakaniphe kakhulu kunabantwana boMbuso"? Ngani na? Bangamawundlu, badinga umholi. Futhi bazama ukukhetha umholi wabo ngobuhlakani, ukwenza ngokuhlakanipha; kodwa abazithobile ukhetha umholi wabo, okunguMoya oNgcwele. Yilokho impela ibandla elikwenzile, iziqhwaga zehlelo ibandla elazikhetha; ngenkathi, uMzimba wangempela kaKristu wakhetha uMoya oNgcwele neZwi laKhe. Kuya ngokuthi yini oyivumela ikuhole. Iwundlu lifanele liholwe, futhi yilapho esifike khona.

173 Manje banomesiya wabo, uthisha wabo ogcotshiwe, ohlakaniphile, okhaliphile. O, he! Akukaze kube khona umongameli osukumayo ohlakaniphe njengaleyondoda. Ngani, uzosukuma ame aqonde futhi abeke i. . . Ngabe, ngicabanga ukuthi namuhla noma kulobubusuku, noma ngesinye isikhathi ngosuku olulandelayo noma ezimbili, ngikuzwile ekusakazweni kuza ngeliny'ilanga, ukuthi, mbuze nje noma yimuphi umbuzo ofuna ukuwubuza. Impela, nje u—umshini ofundile, yilokho iMelika ebithembele kukho, manje asibone ukuthi nizofika kuphi ngakho. E-hhe.

174 Niwenqabile, Melika, nenqabe uMlayezo kaKristu, nenqabe uMoya oNgcwele owaqiniswa phambi kwenu, ngisho phakathi ezakhiweni zenu uqobo zesishayamthetho, lapho amandla kaKristu akhombisa Yena uqobo, ayeyazi imicabango

yomuntu, Wayengaphilisa abagulayo futhi wayengathola izindawo eziyimfihlo zenhliziyo, futhi enze lokho impela uNkulunkulu athi kwakuyokwenzeka ngezinsuku zokugcina, futhi niWenqabile. Kwakungapholishiwe ngokwanele. Wazalelwa emkhombeni. Wawunuka, esizweni. Futhi, khumbulani, ezombusazwe zakho nobusonto kuyanuka phambi kukaNkulunkulu, nakho. UNkulunkulu uyasithanda isinongo esinuka kamnandi sokuzithoba. Ibandla alikufuni lokho, ukuzithoba kwangamanga. UNkulunkulu ufuna ukuzithoba kwangempela. Yilokho Akuthandayo. Manje banesiqhwaga sabo esifundile.

175 Ibandla, lifuna umesiya. Awu, lifunani na? Lifuna eyobuhlakani, inqubo yehlelo, egcotshiweyo uku—ukubadedela bazilethe endawaneni. Ake ngithathe isikhathi sami lapha, ukuze nizoqiniseka ukuthi kutholakale lapha naphesheya. Ibandla namhlanje lifuna isihlakani esigcotshiwe esinayo yonke into ilungiswe kahle ukuthi bangaphila ezweni, abesifazane bangazigunda izinwele zabo, bapende ubuso babo, amadoda angashada kane noma kahlanu futhi ebe esalokhu engamadikoni, o, angenza noma yini afuna ukuyenza futhi ebe esalokhu ekulondolozile ukuvuma kwawo ngokuba ama "Kristu." Nizokuthola!

176 Animfuni uMesiya kaNkulunkulu, iZwi eligcotshiwe, iZwi elenziwe labonakala, iZwi liziletha Lona ngaphambili. Anikufuni lokho. UNkulunkulu waLithumela kini. Kodwa ibandla alilifuni Lelo. Bafuna isivumokholo sabo futhi bafuna isihlakani esingalungisa izivumokholo lapho yonke into isikhothamela. Nizosithola, e-hhe, sisendleleni yaso. Ninenqwaba yabantwana kuso, kodwa kuzoba nomkhulu ovukayo ngolunye lwalezizinsuku, uFaro ongamazi uJosefa. Futhi yilokho ebenikufuna, yilokho ibandla. . . Ningayibona yona kanye indlela abayenzayo, yebo, mnumzane, yona kanye indlela.

177 ISambulo 17 sikuchaza ngokusobala, ngesifebe esidala namadodakazi aso. Impela. Futhi konke kuzobuyela ekhaya kumama, futhi kusendleleni khona manje ukwenza ibandla lomhlaba wonke elilodwa. Nizothola khona impela, amahlelo, enikufunayo. Ngizweni! Kuzokwenzeka ngaleyonkathi! Futhi kungahle ukuba ngiyobe sengihambile ngalesosikhathi. Kodwa labo abangeke bamukele lokho lapho iziNkanyiso zakusihlwa ziqala ukuwa futhi ziphume, bayaqalaza, bayabona ukuthi sebephoqelelwe ukuba bangene entweni ethize yihlelo labo, futhi ihlelo labo likuthathile ukusindisa ubuso babo. Okungukuthi, bonke bazokwenza. Kodwa labobantu abangayifuni leyonqubo, abemukele inqubo kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele neZwi, bathi, "Lowo muntu kufanele ukuthi ubeqinisile." Kungahle ukuba sesedlule kakhulu isikhathi ngaleyonkathi.

178 Sibona amaEpiscopalian, amaPresbyterian, amaBaptisti, yonke into ingena kwiFull Gospel Businessmen, yonke into izama ukufuna uMoya oNgcwele. Ngabe abantu abaqondi ukuthi lelo yilona kanye ihora lapho uMyeni efika, lapho intombi elele izame ukuza futhi ithenge amafutha na? Kungaleso sikhathi lapho uJesu athi uMyeni wafika futhi wangena, futhi azingenanga. Yini indaba ngalababantu na? Bampongozelela lokho, lapho iBhayibheli lifakaza ukuthi azingenanga? Futhi ngenkathi zisazama ukwenza lokhu, uMyeni wafika, futhi zaphonswa ebumnyameni obungaphandle. Kwakuyini na? Kungenzeka ukuthi zazibe nazozonke izinhlobo zokunyakaza, zonke izinhlobo zezimonyo, zonke izinhlobo ze—zemizwa ezazingahle zibukeke njengobufakazi bawo, kodwa iBandla selivele livalele ngophawu futhi lase Lihambile. E-hhe. Lokho kungahle kube yisiprofetho.

179 Bafuna okuthize, bafuna okuthize ukuthi bangaphila kanjani noma ngayiphi indlela abafuna ngayo. Bona, yilokho ibandla lezwe elikufunayo. Omunye lowo—lowo abangaya ebandleni elikhulu kunawo wonke edolobheni lapho bonke osaziwayo bedolobha besonta khona. Bangaba nombhoshongo esakhiweni ophakeme kunayo yonke. Bangaba ne-ogani enhle kunawo onke. Bangaba ne—nezihlalo zasesontweni. Bangaba nomfundisi ongeke asho lutho ngendlela abaphila ngayo, uma befuna ukudansa, bafuna ukufaka uhlobo oluthile lombukiso, bafuna ukugqoka izikhindi, bafuna ukuphungula izinwele zabo, noma bafuna ukwenza lezizinto, bangabhema osikilidi, noma bazejwayeze ukuphuza kobungani. Leyo yimikhuba emabandleni. Ukuphuza nje kwesimanje, uvele ufundise abantwana bakho ukuphuza, kodwa hhayi kakhulu, kungabi ngokweqile kukho. Bhema, kodwa hhayi—hhayi ngokweqile. Gqoka noma yini oyifunayo, kodwa nje—nje zama ukuzigcina uhloniphekile njengoba wazi ukuthi kanjani noma ungakwenza kanjani. Niyabo? O, lokho kuzenzisa! Lowo develi ogcotshiwe! Leyonto ebizwa ngehlelo! Leyonto ebizwa ngenkolo! Ingekadeveli. Buyela kuKristu naseZwini laKhe! Zisindise kulesisizukulwane esihluphayo. Phendukani, yilowo nalowo, ngaphambi kokuba isikhathi sesedlule kakhulu ukuba niphenduke, futhi kungaba yilokho noma ngasiphi isikhathi.

180 Uma sibona intombi elele iziphatha ngendlela eyenza ngayo, kubukeka sengathi bekufanele kwesabise abantu ngaphandle kokuhlakanipha kwabo. Kodwa esikhundleni salokho, bona, "O, udumo, akumangalisi yini lokhu! Haleluya!" O, he! Bangaqhela kangakanani abantu na? E-hhe. Hlobo luni lwesimo abangangena kuso nomqondo wabo wezombusazwe, nomqondo wabo wesimanje, bengazi lutho ngeZwi likaNkulunkulu kunoma ilawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Kunjalo! Nje u—umqondo wesayensi yezenkolo yawo, noma into yesayensi ethize ephathelene nengqondo

eyethulwe kubo ngendlela yesivumokholo noma uhlobo oluthile lwento, futhi iPhentekoste imbi ngakho. Ngiyaxolisa ngesisho. Inqwaba yalento yabashumayeli besifazane nokunye nokunye, kuyizimpande zotshani kukho. Kunjalo! Futhi nakho lapho okhona. Umdanso, umculo wokuzibinya, imfundo, yilolohlobo lwe—lwebandla izwe elilifunayo. Yilolohlobo loMesiya abalufunayo, lowo ongabahlanganisa ndawonye. Nizothola olulodwa. E-hhe. Umoya wayo usuvele uyasebenza phakathi kwabantwana babantu. Kunjalo. Abasazisho ukuthi bangamaKristu, bazokuthola.

181 UNkulunkulu wabathumela, wathumela phezu kwe... kithi ngo 1963, uma uNkulunkulu ezothumela phezu kwethu ngo 1963, ukugcotshwa okufanayo Akwenza emuva lapho ekuqaleni, siyokwenqaba njengoba bakwenza ngaleyonkathi. Ngoba, uma loyo ogcotshiweyo, umesiya, wafika ebandleni, uzoba ngofanayo njengoba iBhayibheli lathi Wayenguye. AmaHeberu 13:8, Kwathi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Khona-ke uma sikhulekela umesiya, ogcotshiweyo, ini, ngabe sifuna usopolitiki wezenkolo na? [Ibandla ithi, "Qhabo."—Umhl.] Ngabe sifuna isihlakani sezempi na? ["Qhabo."] Ngabe sifuna usosayensi ofundile na? ["Qhabo."] Futhi nifuna iWundlu. ["Amen."] Nifuna iWundlu elizonibuyisela emuva, kungekho nkazimulo kubona uqobo, kodwa emuva eZwini. Emuva! Lowo ozokutshela iQiniso kungakhathaleki ukuthi kuyini, niyabo, hlala nalo ngqo, hambisana nalo emgqeni. Abalifuni. Uma Efika namhlanje Uzoba njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, Uzohlala ngqo neZwi likaYise. Uzoqiniseka ukuthi lonke iZwi elethenjiswa eBhayibhelini lenziwa labonakala emadodaneni omuntu. Kunjalo impela.

182 UJesu wathi, "Ubani ongaNgifakazela ngesono na? Ubani ongaNgimangalela ngesono, ukungakholwa na? Uma yonke into uBaba engashongo ukuthi beNgizoyenza, uma Ngingakwenzanga khona-ke Ngitsheleni ukuthi Ngikugeje kuphi." Amen. "Ngitsheleni ukuthi kuphi la Ngisilele khona." Amen. Niyazi, isono ukungakholwa. Kunjalo. Siyakwazi lokho. "Ubani ongaNgikhombisa lapho eNgingagcwalisanga khona," Wathi, "lonke iZwi uBaba athi Ngizolenza na? Ubani ongabeka umunwe wabo kiMi futhi athi aNgikwenzanga na? Yimuphi kini?" Manje-ke kungani bengasukanga emuva kwaKhe na? Ngoba kwaprofethwa ukuthi bayokwenza lokho. Kodwa Uyogcina iZwi likaYise ncamashi njengoba Enza endaweni yokuqala. Uzoligcina lelo impela nje, ngoba Angeke aguquke, ngoba uNkulunkulu uyiZwi. Ngoba yilokho ncamashi Ayikho, UyiZwi. Futhi UyiZwi ini na? UnguMoya oNgcwele othatha iZwi likaNkulunkulu futhi uLibonakalise. Yilokho impela uJesu Kristu... Lapho uNkulunkulu uMoya, uBaba, wenziwa inyama phakathi kwethu ngesimo seNdodana yaKhe, Wayethathe

iZwi likaNkulunkulu futhi waLibonakalisa, waLikhombisa abantu, futhi babengalufuni lolohlobo. Babenezivumokholo zabo, babenamahlelo abo uqobo, futhi lokho kwakuphambene kuwo onke amahlelo abo, ngakho-ke abaLemukelanga.

183 Futhi kuyoba yinto efanayo namhlanje. Uma uMesiya ubengafika, Ubezothatha izinto uNkulunkulu azithembisa lapha, nalezi eBhayibhelini, futhi ubeyozibonakalisa phambi kwamadodana abantu, futhi lonke ihlelo beliyoMenqaba. AbaLifuni. Abahlanganise lutho naLo. Kodwa yilokho—yilokho uNkulunkulu abeyokuthumela kubo. Uma Abathumelela noma yini, bekuyoba yilokho. Futhi khona-ke bayokulahla futhi bazoletha ukulahlwa phezu kwabo uqobo, phezu kwaloluhlanga lwabantu, njengoba amaJuda akwenza ngalolosuku, nabo bonke. Yebo, mnumzane. Niyazi ukuthi Ubeyokwenzani uma uMesiya ubeyofika ngo 1963, niyazi ukuthi Ubeyokwenzani na? Ubeyodiliza onke amahlelo esinawo. Ubeyoyihlubula leyonto ifike emhlabathini.

184 Awu, bebeyothi, "UbeyoMsusa kanjani, uDoctor *S'bani-bani* noma uDokotela *S'bani-bani* na?"

185 Ubeyothi, "Ningababakayihlo udeveli, futhi imisebenzi yakhe niyayenza." Khona impela Abeyokusho. Ubengeke abancenge nganoma iyiphi indlela. Akakwezanga ekuqaleni, futhi Usafana namuhla njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Noma yini eyayiphambene neZwi, Ubeyoyibiza ngalokho. Ubeyothi, "Ningababakayihlo udeveli, futhi imisebenzi yakhe niyayenza. Nenza izinto eziphambene neZwi laKhe." Kunjalo. Futhi isibonakaliso sobuMesiya besiyoMlandela. Kunjalo. Makuthi Yena asukume kubo futhi athi, "Angikugcwalisanga yini lokhu okwenzekile na? Ubani kini ongaNgilahla ngokungakholwa na?" Niyabo?

186 Kodwa bebeyozama ukwenza incelebane ngaYe, baMthwale bazungeze besuka endaweni baye endaweni njengoba lowomFarisi enza. BaMehlisela ezansi lapho ukunikeza ukubungaza okuthile, ukuthola isixuku esikhulu sezivakashi ngapho, kuzofakazisa ukuthi Wayengesuye umProfethi. Niyayazi indaba engiyifundisayo ngalokho. Niyabo, bayokwenza into efanayo namuhla ngalokho ayengakuhlanganisa ndawonye ukuletha ngapho ukubungaza kwabo, bayokwenza into efanayo. Futhi Uyohamba. Haleluya! Uyohamba, ngoba Uhlala njalo eya lapho Amenywe khona. Ngenkathi Wayazi ukuthi lowo mFarisi wayezokwenzani. Wayazi ukuthi umFarisi wayengenamsebenzi ngaYe. Wayazi ukuthi kukhona icilongo phezulu emkhonweni endaweni ethile. Labo baFarisi babengahlangene ngalutho naYe, babeMzonda. Futhi lo Simoni omdala wayeMfuna ehlele ezansi lapho ukuze Engaletha isixuku ngasendaweni yakhe. Kodwa Wayekwazi. Wahamba waqhubeka wangena. Ngabe waMnaka kakhulu na? Kwakuyizicukuthwane ayezinakile. Wahlala emuva nezinyawo

ezingageziwe. Kuyoba yinto efanayo namuhla. Abamfuni uKristu. Abayifuni indlela kaNkulunkulu, niyabona.

187 Ya, uJesu ubeyothi, "Ningabakayihlo udeveli." Futhi lawomadoda ayigcina leyo mithetho nezinto nakho konke ehlelweni labo nezivumokholo, nje ncamashi, bayogeza amabhodwe. NoJesu wathi, "Nithathe izivumokholo zenu futhi nenza iZwi likaNkulunkulu ize, ngamasiko enu." Futhi amaHeberu 9:12 ayasho ngapho, ngiyakholwa, qhabo, amaHeberu 12. . . qhabo, 9:12, ngiyakholwa kunjalo, ndawana thize khona ngalapho phakathi, washo ukuthi "Uma sihlanziwe futhi sixolelwe, sihlanzisisiwe emisebenzini yenyama efile." Futhi lapho sixolelwe ngokweqiniso ezonweni zethu ngeGazi likaJesu Kristu, uMoya oNgcwele ungena kithi futhi sesifile ngemisebenzi yenyama. O, nina bandla lePentecostal, nilenzeleni iphutha elinjena na? Wena mpumputhe ehola impumputhe! Anazi yini ukuthi naphuma kulokho eminyakeni engamashumi ayisihlanu eyedlule, nadonsela leliqembu labantu emuva ngqo phakathi kulo na? Anilizwa yini iZwi leNkosi na? Amathambo omile, yini indaba ngani na? Angeke nikwemukele lokho okuthunyelwe kini. Babengeke ngaleyonkathi, bangeke manje.

188 Manje, yini eniyaziyo na? Futhi, ngakho-ke futhi amacebo akhe namacebo ezwe lehlelo nesivumokholo, kuyahlakazeka. Amacebo omuntu liyahlakazeka. UNkulunkulu akazange asinike isivumokholo. Akazange asinikeze ihlelo. Ngifuna umuntu ozongikhombisa eBhayibhelini lapho Akwenza khona. Ngingakukhombisa lapho Anitshela khona ukuthi ningakwenzi. Ngikhombise lapho Athi kwenze khona. Wena uthi, "Manje-ke, Mfowethu Branham, uJesu wamnikani umuntu na?" UMbuso. Haleluya! Futhi UyiNkosi, iNkosi yabangcwele, iNkosi yamakhosi. Wasinika uMbuso. Hhayi usopolitiki, inqubo yobuhlelo; kodwa uMbuso. Washo ku. . . Pilatu, uPilatu wathi, "Wena UyiNkosi yabaJuda na?"

189 Wathi, "Usho khona." Wathi, "Uma uMbuso waMi ubungowalelizwe, abantu baMi bebezoNgilwela, kodwa uMbuso waMi ungowaPhezulu."

190 Futhi kungani sifanele sibambelele kulezizinto zezwe lapho singabantwana boMbuso ongowaPhezulu na? Niyabo? Kukhona okuthile okungalungile ndawana thize. Kodwa asinikezwanga inqubo. Asinikezwanga inhlangano, asinikezwanga u—ukubusa kwezombusazwe zezwe, kodwa sanikezwa uMbuso wobumnene, njengoba ukuPhila kweWundlu kukithi. Hhayi okwezwe, anisesibo abezwe. "Bantwanyana, anisibo abezwe. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi njengoba Ngingesuye owezwe, ukuthi angeke babe abezwe." Niyabo? Yilokho uJesu asikhulekelela khona. Futhi nokho siyaphenduka sibuyela emuva ngqo bese sizifaka ngokwethu ekuxhumeni kezwe phakathi lapho lapho zonke izinhlobo zabantu zingeniswa khona. Manje, niyazi alikho ibandla ezweni ngaphandle

kweligcwele abazenzisi. Futhi uJesu wathi, "Ungazibopheli ejokeni linye nabangakholwayo."

191 Ngakho kungani nibophela inhlangano lapho uMbuso kaNkulunkulu unikelwe kini ukuthi nizalwa kuwo na? Futhi akekho umzenzisi kuwo! Onke amsulwa, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu angaxutshwe nalutho, akholwa yiZwi laKhe kusukela kuGenesise kuye eSambulweni futhi ahlale naLo. Futhi impilo yakho iyakufakazisa, noNkulunkulu uyaliqinisa iZwi laKhe kukho. Lowo nguMesiya. Lowo nguNkosikazi kaMesiya. Futhi uNkulunkulu uhlala kulabothisha benqubo, abelusi, abaprofethi, nokunye nokunye, ukugcina lobo buMesiya bokuqonda kwaKhe lapho, hhayi ukuxubana nezivumokholo zehlelo, kodwa ukhipha nya leyonto nokugcina iBandla limsulwa, lingaxutshwe nalutho kuKristu neZwi laKhe.

192 Nicabanga ukuthi ibandla liyokwemukela lokho na? BayoLikhahlela liphume. Abafuni kwenza lutho ngaLo. Bathole inqubo yezombusazwe engeyabo uqobo. Futhi njengoba iMelika ithole isihlakani sayo, kanjalo nebandla lizothola isihlakani salo. Lizosithola, bukani nje. Kusendleleni yalo manje. Sebevele bazisontele qobo lwabo kulo.

193 Kodwa sinoMbuso, futhi kuloMbuso kunokuPhila okuPhakade. Hhayi ubulungu, kodwa ukuPhila okuPhakade. Futhi ubuswa yiNkosi yaPhakade. UMbuso waPhakade ogcwele ukuPhila okuPhakade, olawulwa yiNkosi yaPhakade, kubantu baPhakade abamiselwa ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe. "Kulabo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile; futhi labo Ababizile, Ubalungisisile; nalabo Abalungisisile, Ubakhazimulisile," amaHeberu 11. Kunjalo.

194 Manje, kuya ngokuthi ubhekeni. Uma ungu-Abrahama, ubheke lowoMbuso. Nginganikhombisa wona kulokhu ukusa. Yebo, mnumzane. Manje, uMbuso waPhakade ogcwele ukuPhila okuPhakade, olawulwa yiNkosi yaPhakade ngeZwi laYo laPhakade, kubantu baPhakade abamiselwe ngaphambili. Nakho-ke. Ngani na? Kwakuhlala kunjalo, kuyohlala kunjalo, akukaze kube nesiqalo noma isiphelo. Emqondweni kaNkulunkulu kwakukukho impela . . . lapho kwakunoNkulunkulu Phakade. Futhi inhloso kaNkulunkulu iyokwenziwa.

195 Ngakho-ke, lelizwe liyahlakazeka. Malihlakazeke, kulungile, lizokwenza noma kanjani. Wathini uMika lapha, wakhuluma ngani uMika lapha na? Izintaba ziyoncibilika, zigijime njengengcino futhi zithululelwe ngaphezulu njenge—ngeqhwa elivezwa ukukhithaka ezintabeni litshaza, noma uhlobo oluthile lwegiza, njalo. Lizoncibilika futhi liwe, kodwa uJehova uyohlala kuze kube-phakade. "Inyama yonke ingutshani, umoya kaNkulunkulu uyaphephetha kukho noma imbali, utshani, kuhle kanjani, kuyabuna; kodwa

iZwi likaNkulunkulu wethu limi kuze kube-phakade," u-Isaya 40 wayeprofetha ngokuza kukaMesiya, wakusho lokho. Zonke izivumokholo zethu, izinqubo zethu zobuhlelo, abafundisi, isihlakani, nakho konke okunye, kuyobhubha, kodwa iZwi likaNkulunkulu liyohlala kuze kube-phakade. "Phezu kwalelidwala Ngiyolakha iBandla laMi, amasango ehayidese angeLahlule."

196 Sisesikhathini sikaKhisimuzi. Bengingazi ukuthi besithola lesisikhathi sosuku nomaphi. Ngivele ngilahleke lapho ngicabanga ngesidingo sehora. Ngizosheshisa. Ya. Futhi sizalelwe kuloMbuso futhi singa. . . thina—thina maKristu esikholwayo futhi sikuloMbuso. Manje, ngale eNcwadini ya—yamaHeberu, sifundile esikhashaneni esedlule, "Ngokuba samukela uMbuso." Asemukeli isivumokholo, asemukeli inqubo. "Samukela uMbuso ongenakunyakaziswa." Izwe liyahlakazeka. Lelo yiqiniso. Futhi bonke osopolitiki, lonke ihlelo nalo lonke ibandla lizowa libe yizicucu, kodwa samukela uMbuso ongayikunyakaziswa. "Ngokuba uma labo benqaba Yena Owakhuluma eseNtabeni iSinayi, nomhlaba wazamazama ngaphansi kwePhimbo laKhe, kakhulu kangakanani ukubona ukuthi anenqabi" (ubani?) "Yena, iZwi laKhe elikhuluma livela eZulwini, elivela eMbusweni waKhe, ngokuba siseMbusweni ongenakunyakaziswa." Amen. Yonke into engaphandle kwalokho. . . uNkulunkulu wathumela konke, Wakwenza kwaba yichoboka ukuze kuzokwephuka. Esimweni sakho sokuchoboka kanjalo, kuzofanele kwephuke. Kuyichoboka. Kodwa, khumbulani ukuthi sinoMbuso oqinile manje, lapho yonke enye into iwa futhi inikeze indlela. Akumangalisi u-Eddie Perronet athi, "KuKristu iDwala eliqinile ngimile, yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo." UMbuso! Hhayi inqubo yezombusazwe, hhayi inqubo yezombusazwe, hhayi inqubo yebandla, hhayi inqubo yehlelo; konke kuba ngabaFarisi nodokotela bakadeveli. Kodwa semukela uMbuso, iNkosi ePhakade EyiZwi laPhakade, EnokuPhila okuPhakade; ngeZwi laYo eliPhakade kubantu baYo abaPhakade abanokuPhila okuPhakade, futhi singabahlanganyeli balokhu. O, he! Yileyonto.

197 Manje, noma yini ekudonsa ikususe kuLokho iyiphutha, lowo ngumesiya wamanga, ugcobo lwamanga. O, wathi, "Umfowethu wayenogcobo olungaka!" Hlobo luni logcobo na? Yilokho-ke. UHitler wayenogcobo, naye. UKrushchev wayenalo, naye. UPhapha Pius unalo, futhi. Nhloboni yogcobo onalo na? Uma lungagcotshiwe ngaleliZwi futhi liqinisekisa lonke iZwi ukuthi liyiQiniso, luyeke. Luyiphutha. Uma lungazivezi, khona-ke alumili. Luzokhombisa umbala walo. O, uthi, "Kodwa Lokho kwakungokomunye unyaka. Si. . . " Ishiye leyonto. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Yebo, mnumzane.

198 Ngakho-ke lapho lelizwe lihlakazeka, sizalwa eMbusweni ongasoze wahlakazeka. Niyakholwa ukuthi izwe liyahlakazeka na? Yizinqubo ezihlakazekayo. Niyakukholwa lokho na? Niyakholwa ukuthi i—inqubo yezomnotho iyahlakazeka na? Inqubo yezombusazwe iyahlakazeka. Uzwelonke, inqubo ye-U.N. iyahlakazeka. Ibandla liyahlakazeka. Amahlelo ayahlakazeka. Yonke into iyahlakazeka. Kodwa sinoMbuso ongenakunyakaziswa, nguMbuso waPhakade kaNkulunkulu, awunakunyakaziswa.

199 Siyatshelwa ukuthi inqubo entsha yalelihlelo, yokuletha lokhu lapha uMkhandlu wamaBandla oMhlaba, izoletha ukuthula emhlabeni. Uku—ukunganaki okunje, uku—ukukhahla okucasulayo okunje ebusweni bukaKristu! Ukungahloniphi, into engukuthuka okungcwele enje pho! Ngokukadeveli. Umuntu angahlela okuthile okungcono kunalokho uNkulunkulu angabathumelela khona? Umbhoshongo waseBabele! Ngelinye iBabiloni elifanele liwe. Ukuthula emhlabeni na? Umesiya wamanga! Umphikukristu ekufundiseni kwayo. Uzowaphosa kanjani lamahlelo ndawonye lapho bengeke ngisho... Angeke ngisho bavumelana omunye nomunye manje lapho bechithekele ezinqubweni ezincane kanjalo, kuthiwani ngakho konke ukujoyinana ndawonye nokudlulela lapho na? Yebo. Niyabo, ukuhlela okungamanga. Konke kwenzelwe ukuphosa ubuProtestani kubuRoma. Okwamanga, ukufundisa komphikikristu.

200 UMbuso kaNkulunkulu awusiwo owalelizwe. UJesu washo njalo. "UMbuso waMi awusilo owalelizwe."

201 Ngakho uma lowombuso uhlelwe kulelizwe, ngumesiya wamanga, lo mesiya ozonikelwa ebandleni leProtestani masinyane impela, ukuthi bazokuthatha, ngoba bayakufuna. Bafuna le nqubo engenza, "Awu, manje, thina maMethodisti namaBaptisti, impela, si—sithi ukuvumelana ndawonye, niyazi. Thina—thina maPresbyterian, thina maPentecostal, o, yini umehluko wabo, mfowethu na?" Ukhona umehluko! UNkulunkulu ukwenza wehluke. "Kodwa, awu, siyakunikela nje lokhu." Nemfundiso yakho enkulu yobuvangeli, uyayiyeka. Uzoba kanjani phakathi lapho nesigejane salabobantu abangakholwa noma yini, abanye babo abangakholelwa kuNkulunkulu na? Futhi umesiya wamanga yilokho okuyikho. Kunjalo. Yebo, mnumzane.

202 Manje, uMbuso kaNkulunkulu awusiwo owalelizwe. Futhi ngenkathi uKristu wayelapha, Usinika uhlelo lwaloMbuso. Usinikeze uhlelo loMbuso kaNkulunkulu, uMbuso kaBaba, oyiZwi laKhe. Manje, uma ufuna ukwazi ukuthi ungena kanjani kulowoMbuso, leliZwi linakho. Uma ungena nganoma yimuphi umnyango...Uzofanele ungene ngomnyango ofanayo bonke abangena ngawo. Uma uzama ukwenza omunye umnyango, ngani, uyafana nesela nomphangi. Futhi Wathi, "Oyokwenezela

izwi elilodwa kuLeli, noma asuse iZwi elilodwa kuLo, kuyosuswa okufanayo (ingxenye yakhe) eNcwadini yokuPhila." Ngakho-ke uma uzisho ukuthi ubunegama lakho eNcwadini yokuPhila, uma ukwenzile, ungalitholi selisusiwe.

203 Lapho, uPetru ngoSuku lwePhentekoste wavula umnyango eMbusweni. Wakwenza. UMbuso wawusanda kumiswa eJerusalema. Ngifuna umuntu othile angitshele ukuthi iBandla liqala eRoma. Ngifuna umuntu ozokufakazisa lokho kimi. IBandla alizange liqale eRoma, iBandla liqala eJerusalema. UMbuso wamiswa ngoSuku lePhentekoste. Futhi lapho abantu babefuna ukwazi ukuthi kungenwa kanjani kuloMbuso, uPetru wathi, "Phendukani, nonke, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Ngenxa yokuthi yilokho okubangenisa eMbusweni. Noma yimuphi omunye umgomo, ngehlelo noma ngokuxhawulana, noma yini enye, ngumesiya wamanga. Akunandaba ukuthi udume kangakanani, nokuthi uyoba ngovelele kangakanani, futhi ungahle ube yidikoni, ngisho umelusi noma umbhishobhi, noma ilunga noma umbonisi wesifundazwe, kungenandaba ukuthi uyini, kungamanga uze ubuyele emuva eWundlwini likaNkulunkulu elizithobile noMbuso waLo.

204 Manje bhekisisani. Futhi Usinike uhlelo, iZwi likaBaba. Futhi ikholwa leqiniso libambelela kuLo, ngoba alikwazi ukukusiza, nguMbuso kaNkulunkulu kuye. Futhi njengo-Abrahama, ubiza noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu ngokungathi kwakungenjalo. Futhi uma noma ngubani ekutshela ukuthi ihlelo ngelikaNkulunkulu, uhlala kanjani njengo-Abrahama. Uma noma ngubani ekutshela ukuthi ufanele ufafazwe, noma uhlobo oluthile lwento ethile encane, inqubo noma okuthize okuphambene neZwi likaNkulunkulu, ungakukholwa. Ukubala ngokungathi kwakungekho. Uma bethi, "Awu, manje, s'thandwa, akukulimazi ukwenza *lokhu*." Ungakukholwa, ngenkathi uNkulunkulu . . . Wathi, "Akulimanzi kwabesifazane ukugunda izinwele zabo," lapho iZwi likaNkulunkulu lithi kuyisinengiso kuYe, ukukwenza. Uma uthi, "Ngani, ngigqoka amabhulukwe. Angizigqoki izikhindi." UNkulunkulu wathi owesifazane ozogqoka ingubo yowesilisa, kuyisinengiso kuYe. IBhayibheli lathi kuyiphutha ukuthi owesifazane agunde izinwele zakhe, kungokungajwayelekile ngisho kuye ukukhuleka nokunye nokunye kanjalo. Ngisho ngekhanda lakhe lingamboziwe, uhlazisa ikhanda lakhe. UNkulunkulu uyakwenqabela! Futhi leyonqubo ekutshela ukuthi kulungile ukukwenza, ungayikholwa. Kungukugcotshwa okungamanga. Ngukristu wamanga. Kuphambene neZwi likaNkulunkulu. Abalungileyo babambelela eZwini likaNkulunkulu ngoba kuWuhlelo lwenqubo yaPhakade kaNkulunkulu.

205 Ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu, Wamenza owesilisa ngendlela eyodwa. Wenza owesifazane, Wamenza owesilisa ngenye indlela...wamenza owesifazane ngenye indlela. Kunezivumelwano ezimbili ezahlukahlukene, amacebo amabili ahlukene, amabili ahlukene ngokuphelele phakathi kwawo. Futhi ababukeki befana. Ababukeki befana, abafanele baziphathe ngokufanayo, behlukene ngokuphelele. Futhi abesifazane bazama ukuba njengowesilisa, nowesilisa usasitabane kakhulu unjengowesifazane. Ngibone umfana izolo, eCincinnati, ubebukeka njengoNkk. Kennedy, lezo zinwele, indlela ebeziphume ngayo kanjalo. UNkulunkulu ufuna indoda ibukeke njengendoda! Ufuna owesifazane abukeke njengowesifazane!

206 Ngiyanitshela, le nqubo kaJezebeli kadeveli iholele lonke izwe ekonakaleni, hhayi indawo ezwakalayo kukho. Konke kuyizilonda ezibolile, izilonda zomdlavuza, isimila sikadeveli esidla umnyombo uqobo uphume e—uphume ezinqubweni abazihlelile lapha. Usathane uyinqe elizondla ngombuso wakhe uqobo. Ungudeveli, ungongcolile, ungu—ungubaba wamanga. Uzondla ngenyama yabantu bakhe uqobo. Udeveli!

207 UKristu uyiNkosi yenkosi noMbusi wombusi, uMesiya ogcotshiweyo. Ikholwa libambelela kuleloZwi. UNkulunkulu neZwi laKhe baMunye. Mina nezwi simunye. Wena nezwi lakho nimunye. Khona-ke ungenciki, sebenzisa imicabango yakho uqobo; sebenzisa umcabango waKhe, khona-ke uyingxenye kaNkulunkulu ngoba iZwi laKhe nawe liba ngokufanayo. Niyabo? Khona-ke niseMbusweni.

208 U-Abrahama wabiza noma yini eyayiphambene nesithembiso sikaNkulunkulu ngokungathi yayingenjalo. Yebo, yena...njengezinqubo ezenziwe ngumuntu namhlanje, ubezokwenza into efanayo. Khona-ke ngokuba sembusweni onjalo...ngizovala, ngizovele ngishiye amanye alamanothi bese ngiyavala. Bukani, kungu...Ngokuba seMbusweni onjalo, kwenzekani na? Manje, konke lokhu kusola, kodwa ngokuzithoba nangenhlonipho nangobuqotho, njengasemyalweni owanikezwa mina ngeZwi likaNkulunkulu, owanikezwa mina nguMoya oNgcwele, ukubheka umhlambi Angibeke phezu kwawo, ukuhlonishwa kuwo, ukuhlala nawo kungakhathaleki ukuthi yini ezayo, uvele uyinyakazise kwesokudla nangakwesobunxele bese uhlala khona lapha naleliZwi. Lokhu ngukuthunywa. Khona-ke uma semukela uMbuso...

209 "Mfowethu Branham, bonke laba abanye abantu bathi, 'Usonta kuliphi ihlelo na?'"

Uthi, "Alikho."

"Uyini na?"

"Ngoba siseMbusweni."

"Awu, nihlangana kuphi kulokhu na? Uyakuphi na?"

210 "Sihlala ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, siphakanyiselwe phezulu eBukhoneni beNkosi yethu." UMbuso! Udumo! Manje ngiqala ukuzizwa nginokholo. UMbuso kaNkulunkulu lapho behlangana khona ndawonye, uMoya oNgcwele ubaphakamisela phezulu ngqo eBukhoneni beNkosi, futhi sihlala ndawonye ezindaweni zaseZulwini ngenkathi sibhaphathizelwa kuKristu Jesu. Yilapho singabakhona.

211 Umkami washo kimi lapho siya emakethe, nganitshela, ngehlobo eledlule, sathola inenekazi elilodwa ligqoke ingubo. Kwakuyinto ebukeka ixakile ukwedlula konke. Lalibukeka lixakile. Niyabo? Wathi, "Kungani kunjena na? Siyabazi laba besifazane. Abanye babo bacula emakhwayeni ngapha."

212 O, mngani! Ngizosho lokhu, nakuba kuqoshwa, kungahle ngokunjalo kushiwo noma kanjani. Niyazi, futhi ngisho lokhu ngokuzithoba nangezinhlonipho. Bambelelani nje kulokhu. Nibone izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane ziza emsamo, futhi nikubonile lokho ngasosonke isikhathi kukhuphukela lapho ngaphandle kokwehluleka okukodwa. Futhi uMfowethu Arganbright lapha uyayazi ingxenye yezwe esasikade sikuyo, ngapheseya kwezilwandle, akukaze nakanye kwehluleke ngaphandle kokukhuluma iQiniso. Uma ngiya kulezizindawo futhi ngibona lamakhwaya ezingubo ezinde, labo besifazane namadoda bemi lapho begqoke lezo zingubo zaseGolgotha, futhi ngibezwe becula njengezidalwa eziyizingelosi; noMoya wokwahlukanisa ngibuka phansi lapho, ukuba—ukuba bengidingeke ngihambe kulokhu ukusa ngikhiphe abahlanu babo bomhlaba wonke, obengenacala lokungcola, angazi ukuthi bengingabatholaphi. Leso isitatimende, kodwa lelo yiQiniso, uNkulunkulu uyalazi. Isandla sami silapha eBhayibhelini. Kunjalo, angazi ukuthi bengingabatholaphi. Niyabo, uma uNkulunkulu athi, "Hamba uthole abahlanu obaziyo." Bengiyothi, "Angazi ukuthi ngizoyaphi." O, he! Inqubo enje pho! Ukungcola okunje pho!

213 Yilokho izwe elikufunayo. Yilokho elalikufuna ngaleyonkathi, yilokho elikufunayo manje. Yilokho elizokuthola manje. Indoda imile lapho, iphumile nenkosikazi yendoda eseduze nayo. Iphuza, ibhema, futhi igqoke ingubo, ukukumboza. Cabangani, futhi uNkulunkulu ubona ngale kwaleloqabunga lomkhiwane. Lowo Eva emile lapho necala elenele nokunyanyeka enhliziyweni yakhe, futhi, uma kwaphendulwa kwaba ngamanzi, kwakuyontantisa isikebhe. Futhi ame lapho nethalente okungukuthi ngokwemvelo walemukela, ukucula, nokubamba iphimbo lakhe waze wabamnyama ebusweni, cishe impela, ezama ukucula njengengelosi ethile noma okuthile okunye okunjengalokho, futhi phansi ngaphansi kwaleyongubo, ihlazo, ukunyanyeka, ukungcola. Futhi ungama epulpiti futhi ukusho, futhi

uyophakamisa lezozindebe, ezipendiwe, aphume esakhiweni, athi, "Angidingi ukuzwa into enjengaleyo." Kodwa uyokhala kakhulu ngeliny'ilanga ngenxa yesihawu, esihogweni. Kuyobe sekuleyithi kakhulu ngalesosikhathi. UyaLemukela ngenkathi usenethuba lokuLemukela. Nawe! O, he!

214 Kodwa iBandla lemukela uMbuso ukuthi uma sihlala ezindaweni zaseZulwini futhi saphakanyiselwa eBukhoneni bukaNkulunkulu, sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sazi lokhu, ngesiqiniseko sokukholwa, ukuthi siseBukhoneni beNkosi yethu egcotshiweyo. O! Kuzobakhona iZulu elisha elivelayo, nomhlaba omusha, futhi ongeke uphinde uhlukane inqobo nje uma iPhakade lihlala. Sibheke lawomaZulu amasha nomhlaba. Lona, ungaba nawo wonke uma uthanda. Kimina, ngifuna Lowo.

215 Kuyangokuthi ulubeka kuphi uthando lwakho. Kuyangokuthi yisiphi isigxobo ozibophela kuso. Uzibophela esigxotsheni sakho sehlelo, ushona phansi naso ngqo. Uma ubopha kunoma yini yalelizwe, noma yikuphi okwezombusazwe nezinto ezinjalo, futhi uthembele kulokho, uzocwila nakho.

216 Kodwa amathemba ami alakhelwe kwilutho olungaphansi kuneGazi likaJesu nokulunga. Futhi nxazonke umphefumulo wami unikeza indlela, futhi wonke umfundisi uyangala, futhi sonke isivumokholo singikhiphela ngaphandle, futhi anginayo ngisho neyodwa indawo engingaya kuyo, Uyithemba lami lonke nokuhlala. Phezu kwaleloDwala, kuKristu leloDwala eliqinile ngimile, yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo. Ngelinye ilanga mhlawumbe ngiyakumbelwa endaweni yamathuna ndawondawo, phansi ngaphansi kolwandle, ekuphahlazekeni kwendiza, ngibulawe esitimeleni noma emotweni, noma kungahle kube kuphi lokho uNkulunkulu angikhethela ukuba ngihambe ngakho, kodwa lento eyodwa, ngiyakwazi lokhu, ukuthi ngigxilise okwehange umphefumulo wami esiSithelweni sokuPhumula ngaleya, eZwini laKhe. Ngiyakukholwa, ukuthi lokhu kuzofanele kube yiZwi likaNkulunkulu.

217 UNkulunkulu uzofanele ahlulele izwe ngokuthize. Uma Elahlulela ngebandla, yiliphi elalo Azokwehlulela ngalo na? Ngani, ayikho into enjalo enjengengahlulelwa. Khona-ke yinye kuphela Into esele, iZwi laKhe, LiPhakade, angeke Lanezelwa noma lisuswe.

218 Ngigxilise okwehange umphefumulo wami lapho, ngobulula bokubeka izandla zami phezu koMhlatshelo wami, ngivuma ukuthi angilutho oluhle nhlobo. Akukho lutho kimi, O Nkosi Nkulunkulu. Thumela lowoMesiya phezu kwami futhi uguqule ubumina kulokho engangiyikho, futhi ngenze ngibe njengaWe uQobo ngesimilo, ngendlela oBungathanda ngibe ngayo.

219 Akunandaba ukuthi ubungawushisa kangakanani umzimba, ukuthi ubungambhubhisa kangakanani umuntu, ukuthi ungakhuluma kangakanani ngokumelene nabo, noma ngabe yini ayishoyo, ngeliny'ilanga Uyosivusa futhi. Futhi kukhona uMbuso esiwemukelayo ongayikunyakaziswa. O, he!

220 Futhi, khumbulani, ngayo yonke lento ekhazimulayo esiyijabulelayo manje, ukuhlala ezindaweni zaseZulwini, kuyisandulelo nje. Haleluya! Kuyisandulelo salokho okuzayo. Lokhu nje isingeniso sokuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni okuzayo. O! Haleluya! Ukhuluma ngalokhu kumemeza nokudumisa nokukhazimulisa, ukutusa iWundlu! Ngelinye ilanga lapho iziNgelosi zima zizungeze umhlaba, ekugobeni komhlaba, namakhanda akhotheme, futhi zizwe leloqembu elincane elihlanzwe ngeGazi licula lawo maculo okuhlengwa eGazi likaJesu Kristu, O Nkulunkulu, ngifuna ukuhlanganiswa nazo. Mangithathe indawo yami naLo manje. Mangenze isiqinisekiso sami, uJesu ungowami, ngizoMthatha neZwi laKhe. Yebo.

221 Sengivala, ngifuna ukusho le ndaba encane kaKhisimuzi, ukuze abantwanyana bangahle bakubambe. Futhi uma nginikhubile ngokuhlala isikhathi eside kakhulu. . . Inenekazi elincane izolo. . . uMfowethu Brown ushumayele cishe ihora, intshumayelo emangalisayo impela, leyondoda egcotshiwe. Lithe, "Uvele nje wababamba isikhathi eside kakhulu." UPawulu washumayela ubusuku bonke. Bahlala lapho baze bozela kakhulu, futhi mhlawumpe behleli amahora ngamahora, futhi omunye umfo wawa futhi yazibulala. Futhi uPawulu wavele wazelula phezu kwakhe, wathi, "Ningakhathazeki." Lalelani nje into eyiqiniso.

222 Kwakukhona umthungi wezicathulo omdala, futhi ngiyakholwa kwakuseJalimane lapho a—ayenza khona izicathulo zabo. Futhi ngeliny'ilanga ngenkathi. . . Esikhathini sakhe sokungasebenzi wayevame ukuthatha iBhayibheli, futhi wayeLifunda. Wayefunda ingqikithi nendikimba yomBhalo, futhi waba nobuqotho obujulile ngempela. Wathi, "Uyazi," wathi, "Ngi—ngi. . . uma lo Khisimuzi usufika, angizukukhanyisa noma yisiphi isihlahla sikaKhisimuzi." Kodwa wathi, "Uyazi ukuthini na?" Wathi, "Ngizozitholela i—idina elikhulu, futhi ngizoziphekela elami. . . ngizozosela iwundlu lami futhi ngizozitholela izithelo zami ezithi azifane namajikijolo, nawo wonke usosi wami nezinto." Futhi wayeyedwa nje. Futhi wathi, "Ngizolibeka etafuleni futhi ngizomema uJesu ukuba eze ahlale ngale kwetafula ukusuka kimi. Ngifuna ukwazi uMesiya kaNkulunkulu nokuthi yini engingayenza ngezinhlonipho." Wathi, "Ngi—ngizokwenza konke lokhu. Bese kuthi-ke ngizohlala phansi etafuleni futhi ngizocela isibusiso, futhi ngizobonga uNkulunkulu ngalokho Angiphe khona. Futhi khona-ke ngizothi, 'Nkosi Jesu,

Ungeze yini futhi uhlale phansi ngaleya lapha, okwedina nje likaKhisimuzi nami na?'"

223 Ubulula, uNkulunkulu njalo uyakuzwa lokho, ubuqotho. Futhi umthungi wezicathulo omdala waqongelela imali yakhe ukuthola idina elinjalo, niyazi, futhi wayezobe emenyelwe yiNkosi yamakhosi. Futhi walibeka phansi, futhi wayeseliphekile, futhi walendlala etafuleni. Futhi wazihlanza kahle impela, futhi—futhi wazilungisa, futhi wakama izinwele zakhe. Futhi wahlala phansi etafuleni, futhi wabeka isihlalo sikaJesu, nezinye izihlalo eziningi nxazonke. "Kungahle kube ezabaphostoli," washo, "uma bengahle bangene."

224 Ngakho-ke umfo omdala wakhothamisa ikhanda lakhe futhi wacela isibusiso, futhi—futhi wabonga uNkulunkulu ngokudla. Futhi wathi, "Manje, Jesu, Ungeke uze futhi udle nami okwalelidina likaKhisimuzi na?" Futhi waqala ukudla futhi ebuka isihlalo. Akekho ofikayo. Udla kancanyana futhi, futhi wathi, "Nkosi Nkulunkulu, Ngikumemele ekhaya lami. Ungeke weza futhi ube nami na?" Futhi waqala ukwelulela isandla ngaleya futhi athole okuthile ukuba akudle, futhi othize wangqongqotha emnyango.

225 Futhi waya emnyango. Kwakuyindoda endala, eqhothile emahlombe, imanikiniki. Wathi, "Mnumzane onomusa, ngiyagodola, ungangivumela ngithole ukufudumala na?"

226 Futhi wathi, "Ngena." Futhi yangena futhi yahogela lelophunga elimnandi lokudla, umlomo wayo wathi ukuconsa amathe, yaphenduka. Wathi, "Ungahlala phansi na?" Wathi, "Ngilindele isivakashi, kodwa ungahlala phansi futhi nje udle nami size isivakashi sami sifike na?"

227 Yathi, "Ngiyabonga. Ngingajabula ukukwenza." Futhi yahlala phansi, futhi baba nedina. Indoda endala yambonga, yasukuma futhi yahamba.

228 Futhi u—umthungi wezicathulo waphenduka, wathi, "Nkosi Nkulunkulu, kungani Ungidumazile na?" Wathi, "Ngilungise kakhulu yonke into. Ngenze konke lokho engaziyo ukuthi kwenziwa kanjani." Uma uzovele nje wenze lokho! "Ngenze konke engikwaziyo ukukwenza, futhi ngicabange ukuthi Ubuzongena futhi udle nami." Futhi wakhala izinyembezi, futhi wagijima futhi wawa wanquma embhedeni. Futhi wayelele lapho embhedeni, ekhala izinyembezi. "Nge—nge—ngenze konke ebengicabanga ukuthi bekulungile, Nkosi, futhi kungani Ungafikanga ukuzodla nami na?"

229 Futhi iPhimbo lafika kuye, futhi wakhumbula umBhalo, "Enikwenze kwabancinyane balaba abancinyane baMi, nikwenzile kiMi."

230 Yebo, u-Irenaeus . . . ngiyaxolisa, kwakunguMartin oNgcwele. Ngolunye usuku olubandayo ngaphambi kukaKhisimuzi, isinxibi esidala esimpofu sasilele emgwaqweni,

sibulawa amakhaza. Abantu ababenothile babedlula, futhi babuka nje lesosinxibi esidala. "Awu, akukho lutho kuso, iyisinxibi nje. Siyekeni silale lapho." Futhi uMartin wama futhi wabuka futhi wayebone abanye balabobantu ababengakwenza babeyosisiza, kodwa abakwenzanga.

231 Ekugcineni, uMartin uqobo wayenge . . . waye—yemkholwa uNkulunkulu, kodwa wayeyindoda yezempi. Wayenebhantshi elilodwa kuphela. Wathi, "Uma indoda endala ilala kanjalo, izobulawa amakhaza ife." Ngakho-ke wathatha inkemba yakhe waklebhula ibhantshi lakhe laba ngohhafu ababili, wawelela ngapheshela futhi wasonga isinxibi esidala ngalo, futhi wathi, "Lala ngokuthula, mfowethu." Waqhubeka wahamba wangena.

232 Futhi ngalobobusuku emakamu, emva kokuba esepholishe amabhuzu akhe futhi walala phansi, wahamba wayolala. Futhi umsindo wamvusa. Wabheka, kumi phambi kwakhe, futhi lapho kwakumi uJesu esongwe ngalesosiqephu sebhantshi esidala ayesonge isinxibi ngaso.

233 Ngingenzani kulezizindaba khona-ke na? Yini engifanele ngiyenze ngalezizinto engizaziyo ukuthi ziqinisile, lezizinto eziqinisiwe futhi zafakazelwa ukuthi ziqinisile na? Yini engingayenza na? Songa iBandla, hhayi ngesivumokholo noma ngehlelo, kodwa ngeGazi likaJesu Kristu ngeZwi laKhe. Ngakho-ke uJesu wathi, "Enikwenze kulaba, nikwenze kiMi."

Asikhuleke.

234 Nkosi Jesu, ukuba Ubumile lapha kulokhu ukusa, Nkosi . . . Ngiyazi Umile, esimweni sikamoya. Kodwa ukuba Ubumi lapha, ngokoqobo, angikholwa ukuthi bengingayishintsha indikimba yami nakancanyana. Ngikholwa ukuthi bengingasho nje into efanayo. Futhi ngiyakholwa, Baba waseZulwini, ukuthi lababantu abakwenzile ngaphandle kokudla kwabo kwemvelo, ukuthi bebehlezi lapha futhi balalela iphimbo eligedlezelayo elikhathele, kodwa ukuba Ubumi lapha, bebengeke basaphinde behlale futhi, ngoba bayakholwa ukuthi Ulapha, ngoba yiZwi laKho. Kukhombisa ukuthi bayaKuthanda.

235 Siyabonga kakhulu ngalokhu kuvakashelwa kukaKhisimuzi kukaMoya oNgcwele osiqondisayo futhi usikhombise ukuthi uyini uKhisimuzi. Lapho sibona ukuthi izwe liyahlakazeka, izinqubo zalo ziyabhidlika. Kodwa sijabula kakhulu, sibonga kakhulu ukuthi sinoMbuso futhi sineNkosi, futhi Awusoze wanyakaziswa. Futhi lapho izwe lingasekho, lapho ezombusazwe zingasekho, lapho izizwe zingasekho, uNkulunkulu uyomisa uMbuso waKhe futhi abalungileyo bayobusa kanye naYe. Labo abake bahlupheka abasayi kuphinde bahlupheke.

236 Sisize, Nkosi, ngalesisikhathi sikaKhisimuzi, ukukhumbula ukuthi uMesiya ogcotshiweyo usho ukuthini. Sisize siqonde.

237 Busisa lokhu, ibandla lethu. Yiba nabo, Baba wethu, futhi baphe ukulunga nokuthula kuMoya oNgcwele. Busisa umelusi wethu. Nkosi, siyamthanda. Lenceku eyiqhawe emile ithembekile. Futhi, ekhuluma ngobunye ubusuku, wathi, "Nangu mina, cishe amashumi ayisithupha." Banabantwanyana. Kodwa khumbulani, kwangathi angakhumbula lokhu, Nkosi, ukuthi akukho okungamthatha futhi kumsuse lapha uze Ulungele. Uma Ulibala, ngikhulekela ukuthi uzophila ukuba abone bonke abantwana bakhe beshada futhi babe namakhaya angawabo uqobo. Busisa umkakhe omncane oyigugu, incekukazi encane yaKho. Busisa amadikoni ethu nabaphatheli bethu.

238 Futhi, Nkulunkulu, ngiyabonga kuloKhisimuzi ngabo bonke laba, abangani bami abahamba eqhweni, futhi beza ngapha emigwaqeni eshelelayo nemvula, futhi bathatha ukuphila kwabo futhi beze amakhulu namakhulu amamayela. Nkulunkulu, angazi ukuthi sengizothini. Ngethemba ukuthi Uzokwembula konke, lokho okusenhliziyweni yami. Futhi kwangathi ngingathembeka njalo, Nkulunkulu, kuloMbuso Osifake kuwo. Kwangathi ngingelokothe ngixegise, qhabo, kwesokudla noma kwesobunxele. Ngikhumbula kahle ngenkathi Ungitshela ngaleyonkathi, "Unganyakazisi isandla sokudla noma isandla sobunxele, khona-ke izindlela zakho zizophumelela. Khona-ke uyoba nempumelelo enhle." Mhlawumbe hhayi emehlweni omhlaba. Futhi angikhathali ukuthi izwe licabangani, ngifuna ukwazi ukuthi Ufunani, Nkosi. Isifiso saKho ngesethu... Intando yaKho yisifiso sethu. O, okuncinyane kwesifiso saKho ngu—ngumyalo obophezeleke impilo yonke kithi, Nkosi. Simi njengeBandla laKho.

239 Sithethelele manje ngalokho okwenzekile onyakeni, esikwenzile obekungafanele nalapho esehluleke khona ezindaweni eziningi kakhulu, futhi siqinise, Nkosi. Futhi kwangathi thina, ngalesisikhathi sokugubha uKhisimuzi, kwangathi singavula izinhliziyo zethu kuMesiya, ogcotshiweyo kaNkulunkulu. Kwangathi Angangena ezimpilweni zethu futhi asigcobe, futhi aphile intando yaKhe futhi alethe uMbuso waKhe ukuba wedlule ezimpilweni zethu. Sigcine siphilile, sinempilo.

240 Busisa lo mngani omdala oyiqhawe wami ehlezi lapha eceleni kwami, uMfowethu Arganbright. O Nkulunkulu, Ubenaye kanjani, nokuthi ubenenhliziyo yakhe kanjani iphansi futhi ibondekile izikhathi eziningi, kodwa nokho siyakholwa ukuthi umile ukuPhila okuPhakade. Busisa umkakhe omncane. Ngicabanga ngoBud noFred, mina, O Nkulunkulu, ukuthi sibe nayo kanjani lenhlanganyelo enhle.

241 Siyakhuleka ukuthi Uzosibusisa ndawonye manje. Busisa ibandla lethu elincane, bonke lababantu abayigugu. Futhi ngeliny'ilanga, Nkosi, ngenkathi thina sikakhulu...sifuna amehlo ethu ahlanzeke kakhulu ezintweni zezwe ukuthi

singabona kuphela uNkulunkulu noMbuso waKhe, ukuthi ngelinye ilanga siyokwethulwa phambi kukaKristu, singenasici, njengentombi emsulwa, ingxenye yaleloBandla elikhulu elizoza phambi kwaKhe.

242 Futhi khona-ke sizobuka phambili esikhathini lapho Uyomisa khona uMbuso waKho emhlabeni, abantu ababonakalayo namakhaya abonakalayo, futhi abayikutshala bese omunye akudle, kodwa bayophila Phakade. Kuze kube ngaleyonkathi, masibe yisibani esihlezi egqumeni, ikhandlela elinikeza ukukhanya kuyo yonke into esizungezile, ngempilo elungile, eyangcweliswa eGazini likaKristu. Siphe khona, Baba. EGameni likaJesu siyakhuleka.

243 Futhi, Nkosi, phezu kwalamaduku, emva kokuba sesikhulekele abagulayo futhi sabeka izandla zethu phezulu kwabo, sizixhumanisa nabo, ngibeka izandla zami phezu kwalamaduku, ngixhumanisa umkhuleko wami kuNkulunkulu. Futhi ngalamaduku nakubantu, Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi Uzobaphilisa bonke lababantu lamaduku abamele. Kwangathi bangaba nempilo namandla okuqina ngonyaka ozayo, Baba. Odumweni nasenkazimulweni kaNkulunkulu, sicela eGameni likaJesu. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

244 Manje sisalicula futhi, asixhawulane nomunye ongakithi. Hlala nje, uthi:

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wathanda kuqala . . .

Mfowethu Arganbright, lona ngu . . .? . . . [UMfowethu Branham uyaqhubeka nokuxhawula—Umhl.]

Manje izandla zethu ziphakeme kuYe.

Ng'yaMthanda, (kakhulu impela manje) ng'yaMthanda (leyo yindlela)
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

245 Futhi manje ngalelizwi, ndawonye, sonke asilisho: [Ibandla liyaphinda emva kukaMfowethu Branham—Umhl.] Semukela uMbuso ongayikunyakaziswa. Amen!

246 Manje asisukume. Manje, siphakamise izandla zethu nezinhliziyo zethu kuNkulunkulu, ngokubonga manje, ngempela, zonke izinhliziyo zethu, "Ng'yaMthanda!" Futhi kuzwakalise nje kuYe ngalesisikhathi sikaKhisimuzi.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba . . .
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

247 Inkonzo yombhaphathizo masinyane manje izobe ilandela lokhu. Futhi nina enizofanele nihambe, siyabonga ukuthi nibe lapha, futhi kwangathi ningahlala njalo kulowoMbuso ongayikunyakaziswa. Sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje womkhuleko, ngizocela uMfowethu Arganbright oyigugu uma ezokhuphukela lapha futhi akhulule lezizethameli ngezwi lomkhuleko.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org